# *Ibandla Likhetha Umthetho Esikhundleni SoMusa*

Kanti futhi, ngezinye izikhathi ngaphandle kogcobo kubantu bayehluleka ukukuthola. Ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukuba lapha enhlanganyelweni nani nonke makholwa, nomfowethu ongumelusi othandekayo lapha, uMfowethu Sullivan, umfowethu oyigugu, siyakhuleka namhlanje ndawonye, futhi sixoxa.

2 Abaningi kakhulu kade beshaya ucingo usuku lonke, ngokuba, abefundisi abehlukene, izindawo ezehlukene, befuna ukuba, ngisuke lapha ngiye komunye umhlangano, noma ndawondawo, kodwa angizange ngime kusukela ngoKhisimusi, futhi sengiyakhathala kabi kabi. Wonke umuntu uyazi ukuthi nginezinsuku cishe eziyisithupha noma eziyisikhombisa zokuphumula, ngakho ngifanele ngibe nakho nje, sengithi angihambe nje.

3 Futhi, niyazi, sisanda kushiya umhlangano lapho khona ngesinye isikhathi imibono engaba ngamashumi amathathu ngobusuku, akekho oyoke azi ukuthi lokho kusho ukuthini, kungukuthi, lokho kuyoba yimfihlo eyoya ethuneni nami, noNkulunkulu. Bebekwazi nje . . . Wena . . . Ayikho indlela yokukuchaza. Wena nje, kukhona nje, ungeke nje wakwenza. Futhi akekho owaziyo . . . Uma . . . Cabangani ngalokhu nje: umbono owodwa ovela eNkosini yethu uJesu futhi Wathi, "Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka." Owesifazane waMthinta. Manje, kuthiwani ngesoni-ke, esisindiswe ngomusa na? Into kuphela ekwenzayo: "Emingi kunale niyakuyenza," yisethembiso, "ngoba Ngiya kuBaba."

4 Futhi nango umalokazana wakwami, ngenkathi ekade esemihlanganweni kulokhu kokugcina, uhambo olude lwamaviki ayisishiyagalombili, ngenkathi efika ekhaya, walala embhedeni izinsuku ezintathu noma ezine ukuba nje aphumule, wathi wayesecishe wafa. Awu, abafana, bonke sebethi nje abathi gqu. Ngifika ekhaya, futhi ngingakhiphanga ingxenye yamapotimende ami, kwaze kwaba lapha ngangihamba, ngihamba, ngihamba, ngihamba, ngihamba usuku lonke, ubusuku bonke, futhi ngihamba, ngihamba, ngihamba, imini yonke nobusuku, futhi ngilokhu ngiqhubeka kanjalo nje, ngiqhubeka, ngiqhubeka, futhi ngiqhubeka.

5 Futhi ngathi, "Awu, manje ucabanga ukuthi kulukhuni ukuhambahamba nje, ukuma nje emihlanganweni, bese wehla, uhlale phansi emhlanganweni, uwujabulele, uye ekhaya,

uhambe uyolala, ulale uhhafu ngosuku olulandelayo uma ufisa, usukume, futhi uye emhlanganweni olandelayo, khona-ke uyakhathala, uthathe nje isibopho somunye waleyomihlangano emahlombe akho, futhi wazi ukuthi unesibopho sakho, niyabo, impendulo kuyo yonke into, bese-ke ushumayela," lapho imizuzu engamashumi amabili yokukhuluma okunokuthonya kuqhathaniswa namahora ayisishiyagalombili omsebenzi onzima, isayense isho kanjalo, emzimbeni wakho; ngezinye izikhathi ngishumayela ihora nengxenye, amahora amabili.

6 Ngaphandle kwalokho, umbono owodwa oyokuhlakaza ngaphezu kwezinsuku ezintathu zokushumayela obungakwenza. Niyabo? Bese kuthi-ke ube namashumi amathathu aleyo ngobusuku. Niyabo? Niyabo, akukho-ndlela, kungukuthi nje, kuyisimangaliso, isimangaliso esivelele kuso uqobo, ukuthi uNkulunkulu uyangivumela ngiphile, futhi Wenza lokho ngenxa yakho—ngenxa yakho.

7 Bangaki abake bezwa ngoRaymond Richey, uMfowethu Raymond Richey na? Qhabo. ELos Angeles ngobunye ubusuku, waguqa phansi eceleni kwami, futhi wakhuleka. Niyamazi uRichey, uMfowethu Richey use... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Benikwazi lokho na? [Akuqoshwanga eteyipini.] ...kubi kakhulu, kwamphonsa ekubeni nonhlangothi. Wacabanga ukuthi wayengenza okuningi nje njengolandelayo, ngakho wasuka wahamba, futhi wathatha amasimu ezimishini, futhi uyabuya, futhi wathatha imvuselelo, futhi usephelile, futhi kwamenza waba nonhlangothi, enokwethuka, futhi u, o, usesimweni esibi kabi; futhi okahle kangaka, umfowethu omncane.

8 Wangena, kwathi nje angangibona wazama ukukhuluma, futhi waguqa phansi, futhi ngangizama ukuthola ayekusho, wathi, "Mfowethu Branham, ungalokhu uhamba kanjalo." Wathi, "Ungalokhu uhamba, uyoba njengami ngolunye lwalezizinsuku, ungakwenzi lokho. Nje..." Kodwa ngiqagele mhlawumbe intshisekelo yethu ishisa ukuhlakanipha kwethu, ngakho-ke siyaqhubeka nje noma kanjani, sethemba iNkosi ukuthi ku—ukuthi kuzolunga.

9 Ngijabula kakhulu ukubona abanye babangane bami phakathi lapha, kulobubusuku. Owethu, unobhala wami wangasese, uMfowethu Maguire nomkakhe... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] ...ovela eCanada, eSaskatchewan, futhi ngiyajabula ukuba nabo phakathi. Nabafowethu ababili lapha, abavela ezansi eKentucky, angisoze ngawakhumbula amagama abo. Ba... [Akuqoshwanga eteyipini.] Ngikholwa ukuthi empeleni nivela e-Arkansas, aninjalo, bazalwane na? Futhi nenyukele emihlanganweni. Futhi ngibona uMfowethu Dauch, noma u*Dauch*, uDauch ehlezi phandle lapha evela, ungowalapha e-Ohio, nomkakhe othandekayo emva kwakhe, lapho. Ngijabula kakhulu ukunibona nonke niphakathi,

kulobubusuku, nabehlukene emgwaqeni. [Akuqoshwanga eteyipini.] Ngiyambona, uMfowethu Charlie, noRodney, noRogers, uMfowethu Sothmann. Futhi ngiyaqo-. . . [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . kulobubusuku, abanye, uBilly ubengitshela kulentambama. Ngijabula kakhulu ukuthi ulapha evela ezansi le kuleyoGeorgia enelanga. Abanye babo bathi, "Uqhuba kanjani na?"

10 Wathi, "Ngiyagodola." Kodwa si . . . Ukuphi, Mfowethu Welch na? Angikwazi ukukubona, kancane nje . . . Ngani, uhlezi khona phansi kobuso bami lapha, noDadewethu Evans. Ya, bukani lapha, iqembu elivela eGeorgia lapho. Lokho kuhle, ngiyajabula ukuba nani nonke ngaphakathi.

11 Manje, iNkosi imbusise njalo uMfowethu Sullivan ngokusimema lapha. Uzithathela uxhaso, ngaphansi kukaNkulunkulu, uku . . . Ngiyacabanga, nina bantu, njengoba ngiqonda, uMfowethu Sullivan uzonishiya masinya nje, ehamba. Futhi nizolahlekelwa yindoda enkulu. Ngendoda eyozinamathelisa phandle lapho phambi komphakathi ukuxhasa okunjengalokhu, niyabo, kukhombisa ukuthi uyanithanda, uzama ukwenzela abantu okuthile, kungenjalo ubengeke akwenze lokho. Kunjalo. Inceku kaNkulunkulu yeqiniso ngempela, isibhakabhaka sangempela. Ngiyamthokozela uMfowethu Sullivan ngayo yonke inhliziyo yami.

12 Umuntu oke alingane nanoma yini ngumuntu ozimela yedwa, yena noNkulunkulu yedwa, yileyondoda.

> Kukhona, eMgwaqeni waseJeriko kunendawo yababili nje
> Akusekho noma akungaphansi nje uJesu nawe. (Yilokho kuphela.)

13 Futhi ngakho yileyondlela esifanele sihambe ngayo lendlela eyingcingo, wonke umuntu owake wamenzela noma yini uNkulunkulu wahamba ngendlela efanayo. Kunjalo. Bagxekwa, bashiywa, bakhishelwa ngaphandle, kuyoyonke iminyaka, ngazo zonke izikhathi, badingeke bahlupheke ngento efanayo. Ngakho, sinjengoba benjalo nje, into efanayo, sifanele sikumele sodwa. Kodwa neze sodwa, Uhlale ekhona.

14 Siyabathokozela a—abantu ongaphezu kwalendlu yezikhali lapha, osivumela sibe nalendawo yokugcina izikhali, futhi. Uma bekhona ndawondawo bengalizwa iphimbo lami, impela ngiyawuthokozela lomusa wenu madoda, iNkosi inibusise njalonjalo. Ngu, manje, nguMbutho wase-United States, futhi siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzobabusisa ngokucebile, futhi abasize.

15 Futhi ngiyanitshela sisohlelweni lokuzivikela, siyakwazi lokho, phezulu nezinye izizwe, kanjalonjalo, futhi sizama ukubashaya emjahweni wemicibisholo ejikijelwayo. Bazalwane

bami, kukhona umjaho owodwa esifanele siwugijime, lowo ngumjaho osuka embhedeni wengane uya ethuneni, nobuso bethu eKalvari, lowo umjaho, naso isivikelo sethu, siseKalvari.

16 Nginike onke amasosha e-United States ahlukaniselwe uNkulunkulu, ebusweni balo ekhuleka, futhi ungaqhumisa yonke imicibisholo ejikijelwayo, futhi umyeke ahambe. Kunjalo. Siyovikeleka kakhulu ngangokuthi zonke izizwe eziphansi kweZulu ziyosesaba, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaSolomoni. Ngikholwa ukuthi ngashumayela ngalokho okokugcina phezulu lapha, *INdlovukazi YaseNingizimu*, ukuthi u-Israyeli wayengenazinkathazo kanjani ngalezozinsuku nanoma yiziphi ezinye izizwe, bonke babebesaba, babethemba iNkosi.

17 Angikholwa ukuthi ningizwa kahle kakhulu, ngabe kukhona ukushaya odongweni kulokho na? Niyakuzwa phandle laphaya kahle, emuva le na? Bengicabanga ukuthi kuzwakala njengokubuya komsindo. Ake sibone ukuthi ngingakushintsha yini lokhu. Ngabe lokho kungcono na? Niyakuzwa lokho kangcono, emuva le na? Akungabi bikho-muntu onyakazayo. Niyakuzwa lokhu kangcono lapha na? Ngikholwa ukuthi ngephule ipulpiti lami. Kukanjani lokho na? Lokho kungcono na? Kulungile, sizozama ukukushiya lapho.

18 Manje, sifuna ukufinyelela ngokushesha eZwini. Nginihlalise kwaze kwaba leyithi izolo ebusuku ngale ebandleni likaMfowethu Sullivan, kodwa si...Ngikujabulele ngokukhethekile lokho iNkosi eyasinikeza khona ngemisindo ethi, *IMisindo Engaqondakali*. Futhi sizame ukuchaza inqwaba yemisindo engaqondakali yalolusuku.

19 Kwase kuthi-ke, emva kokuba sesiqedile ngayo yonke imisindo engaqondakali, sase-ke siletha umsindo owawuqondakala (Ngiyabonga, Mfowethu Gene, mhlawumbe lokho kuzosiza—sisize kancane nje. Kulungile.), ngemisindo ethize yosuku. Futhi sithole ukuthi kwakukhona umsindo owodwa owawuqondakala, lowo kwakungumsindo weVangeli. Nokuthi iVangeli lafika kanjani, hhayi ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele. Lowomsindo owafika ngoSuku lwePhentekoste njengokuvunguza komoya onamandla, lokho kwakuyiqiniso ukuthi ukuPhila kwase kufikile, ngokuba kwakungukuPhila kokomoya.

20 Niyangizwa kangcono uma ngihlehla na? Kuhlehlise na? Kulungile. Ngizozama ukuthatha eminye yemibono kaPaul Rader. Bangaki abake bambona uPaul na? Ngamhleka uPaul, wayevame ukubuyela emuva le, *kanje*, njalo enyusa ibhulukwe lakhe, khona-ke wayethola iphuzu lakhe, futhi agijimele ngasemsamo ngamandla akhe onke futhi aphose izandla zombili phezulu. Futhi ngakho, wayeqhela emuva le embhobheni wakhe.

21 Ya, kwenzeka ngabona uMfowethu noDadewethu Collins behlezi emuva lapha ezethamelini. Omunye akakholwa ukuthi uNkulunkulu unikeza abashumayeli beMethodisti umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nakho kuhlezi oyedwa Amnika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, umshumayeli weMethodisti, umshumayeli weMethodisti yaseKentucky owemukela uMoya oNgcwele, nenceku kaNkulunkulu ezithobile manje. Ngakho siyajabula ukuthi uMoya oNgcwele ungowanoma ubani oWufunayo. Noma ubani ovumayo ukuza emigomweni kaNkulunkulu angemukela uMoya oNgcwele. Ya, kungokweMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iKatolika, iJuda, iProtestane, ophuzi, omnyama, omhlophe, onsundu, nonganaki, sonke ndawonye, uMoya oNgcwele ungowabo bonke.

22 Manje, ngifisa ukukhothama, uma nizokhothamisa amakhanda enu, imizuzwana embalwa nje, sisakhuleka. Futhi ngaphambi komkhuleko, namakhanda enu ekhotheme, uma ninesicelo esikhethekile, nizokwenza kwaziwe njengoba niphakamisela izandla zenu kuNkulunkulu na? Bamba isicelo sakho nje enhliziyweni yakho. UNkulunkulu akubusise. Kwangathi uNkulunkulu anganipha ngamunye wenu isicelo senu.

23 Baba wethu waseZulwini, sisondela esihlalweni saKho sobukhosi somusa, hhayi isihlalo saKho sobukhosi sobulungiswa, Nkosi, besingekumele, asiceli ubulungiswa, besiyolahleka, kodwa sicela umusa. Futhi siza ngoba Usiyalile ukuba size, futhi sinesethembiso sokuthi sizokwemukela esikucelayo uma sizoza ngesibindi, singangabazi, futhi sikucele eGameni leNkosi uJesu, ngokuba kulotshiwe ukuthi, "Noma yini eniyenzayo ngezwi noma ngomsebenzi, kwenzeni konke eGameni likaJesu." Wathi, qobo lwaKhe, esesemhlabeni, "Uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza."

24 Futhi siqinisekile ukuthi siyakuthola esikucelayo, ngokuba siza ngokukholwa sikholwa ngakho konke okusezinhliziyweni zethu ukuba sikholwe ngakho, futhi siyakucela, eGameni likaJesu, umusa, nesihawu, nesibindi sokusihaqa, kulobubusuku, futhi usiphe ingxenye enkulu kaMoya waKho ezinhliziyweni zethu njengoba siWudinga.

25 Nika ukukholwa kulabo abaphakamise izandla zabo, futhi ngingomunye wabo, ngesicelo esasisezinhliziyweni zethu, ukuthi sizokholwa ngazo zonke izinhliziyo zethu ukuthi Uzosipha isicelo sethu. Ngokuba sinikela inkonzo nathi uqobo kuWe ukuba wenze ngathi njengoba Ubona kufanele, njengoba sisondela eZwini ukuba siLishumayele, makuthi uMoya oNgcwele ufike futhi ugcobe amazwi, futhi uwatshale enhliziyweni yethu sonke. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

26 Manje, nina enigcina phansi, ngokwejwayelekile, imiBhalo, ngizonicela, kulobubusuku, ukuba niphenye eNcwadini kaDuteronomi nesahluko 2 nevesi 3 okwendikimba:

> *Sekwanele isikhathi eside kulentaba: phendukela enyakatho.*

27 Ngiyathanda ukufundisa eTestamenteni eLidala, ngoba iTestamente eLidala lingumfanekiso weLisha. Futhi njengoba sisondela kulena enesizotha kakhulu, indikimba engcwele, kulobubusuku, njengalo lonke eleZwi laKhe linesizotha futhi lingcwele, ngifisa ukuhlela ukuhambisana okulinganayo kweTestamente eLidala neLisha lezinsuku ezedlula, nezinsuku ezikhona manje.

28 U-Israyeli akakholwanga, uma omunye wayebatshelile, ukuthi babeneminyaka engamashumi amane ukusuka ezweni lesethembiso ngenkathi becula, bememeza, futhi besina eMoyeni ngakolunye uhlangothi loLwandle oluBomvu. Babengeke bakukholwe ukuba omunye wayethe, "Nikhuphukile niphuma ekuhluphekeni manje, nokuhlushwa, uNkulunkulu unikhululile, futhi nawelela ngaphesheya . . ." Futhi babengekho kodwa nje uhambo lwezinsuku ezimbalwa ukuqhela, kodwa, nokho, ukungakholwa kwabo kwabagcina ehlane iminyaka emide engamashumi amane. Nobaba bethu bafika kuleyondawo efanayo cishe eminyakeni engamashumi amane edlule, noma ngaphezulu kancane, isimo esifanayo sasikhona.

29 U-Israyeli wayekade enemvuselelo enkulu, futhi babesendleleni yabo beya e—e—ezweni lesethembiso, lapho uNkulunkulu ayefungile ukuthi Uyobathatha, abayise kubaba u-Abrahama. Futhi babewelela kulelizwe lesethembiso nezethembiso zikaNkulunkulu, izibusiso phezu kwabo, nehora lokukhululwa lase liseduze, noNkulunkulu wayenze konke Ayethembise ukukwenza, futhi wayesendleleni yabo eya kulelozwe.

30 Kwakungesikho kodwa nje ukuba kude ngamamayela ambalwa, kulinganise emephini, ngikholwa ngempela ukuthi bengingaluhamba ngaphansi kwezinsuku ezinhlanu, mina uqobo, ngisuke nje bese ngihamba kulo esikhathini esiyizinsuku ezinhlanu, ukusuka oLwandle oluBomvu ukuya lapho abawela khona iJordani ukuba bangene ePalastine. Uhambo oluncane nje, futhi nokho, ngenxa yokungakholwa kwabo, kwabagcina iminyaka engamashumi amane ehlane.

31 Manje, leyo yinto enesizotha, sifanele sicabange ngakho isikhashana. Abakholwanga ukuthi kwakukhona i . . . amanzi aseMara ayelele phambi kwabo, noma ihlane laseSini, noma iNtaba iSinayi, noma iKadeshi-Barneya, lapho bamehlulekisa khona ngokuphelele uNkulunkulu, ngenkathi ukusuka eKadeshi kwakunezinsuku eziyishumi nanye kuphela ukuba uwele. Abakukholwanga, ngoba base bevele bezibonile izinto eziningi

kakhulu zenziwe, babeqinisekile ukuthi babesentandweni kaNkulunkulu, njengoba nje obaba bethu wayenjalo eminyakeni embalwa edlule. Futhi babenjalo, kodwa yilapho abenza khona elabo elikhulu, iphutha elibulalayo.

32 Bona, iphutha elikhulu kunawo onke u-Israyeli ake alenza kwakungenkathi elahla umusa futhi wemukela umthetho. Wenza iphutha lakhe elikhulu kunawo onke ku-Eksodusi 19, kwakungelinye lamaphutha abulalayo u-Israyeli awenza. Isivumelwano uNkulunkulu asenza no-Abrahama sasingumusa ophelele. Kodwa umusa wawubahlinzekele umkhululi, umprofethi, iwundlu lomhlatshelo, wawuhlinzeke imvuselelo enkulu kunazo zonke abake baba nayo, futhi nokho, babenganelisekile ngayo, babefuna into ethize ababengaphikisana ngayo, babefuna indawo lapho ababengaba nokuthile abangakwenza kukho.

33 Futhi kungaleyondlela namhlanje. Yileyondlela okwakungayo eminyakeni engamashumi amane edlule kobaba bethu, obaba bethu bePentecostal, umusa wawubanike imvuselelo, futhi wawubakhiphe ezweni, futhi wabakhipha enxushunxushwini ababekuyo, emahlelweni abo agcina umthetho ngegama, nezinhlangano, kanjalonjalo, futhi wabaletha emvuselelweni enkulu kunazo zonke abake baba nayo, wathululela uMoya oNgcwele phezu kwabo, wabagcwalisa ngoMoya, babecula, besina eMoyeni, benesikhathi esimangalisayo, futhi babengazi ukuthi babekude ngayo yonke leminyaka esethembisweni esigcwele.

34 Kodwa njengoba kwakunjalo ku-Israyeli wemvelo, kunjalo naku-Israyeli wokomoya. Singama-Israyeli ngoba siyiNzalo ka-Abrahama, *lowo* mIsrayeli akasuye ongowenyama, kodwa lowo ongokaMoya. "Thina esifile kuKristu sithatha iNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye no-Abrahama ngokwesethembiso." Ngakho si...Futhi u-Abrahama wayengesilo iJuda, U-Abrahama wayengoweZizwe ophuma ezweni la—lamaKaledi, nomuzi wase-Uri, wayengoweZizwe uqobo.

35 Manje, qaphelani, kodwa konke lokhu babe*kude* ngenxa yokuthi bala ukwamukela lokho uNkulunkulu ayebahlinzekele khona, futhi babefuna ukwengeza okuthize kukho. Yilapho esihlala senza khona amaphutha ethu, yilapho sizama khona ukwengeza okuthile kulokho uNkulunkulu akwenzile, nalokho uNkulunkulu akushilo, kuyeke kanjalo nje. Sekuyiminyaka eyizinkulungwane ezimbili bezama ukwengeza izwi elilodwa eMkhulekweni weNkosi ukuwenza ube ngcono, noma basuse iZwi elilodwa ukuwenza ube ngcono, futhi ungeke wakwenza, ngoba lapho Ekhuluma Liphelele, futhi uma wengeza noma yini enye ekupheleleni uphumile enqubweni. UNkulunkulu wenza noma yini, kuphelele.

36 Futhi lapho sizama ukucabanga ukuthi Udinga usizo lwethu, Akaludingi usizo lwethu, UnguNkulunkulu. Wena uthi, "Awu, Uzofanele asebenzise amadoda ukushumayela iZwi." Njengoba nje uJohane athi, "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe." Akasidingi. UnguMdali, Angenza noma yini Afuna ukuyenza ngoba UnguNkulunkulu.

37 Manje, sithola ukuthi, zonke lezizinto, babenewundlu lePhasika elihlinzekiwe, uNkulunkulu wayebahlinzekele ngemana evela eZulwini yohambo lwabo, Wayebahlinzekele iDwala ukuba baphuze kulo ngenkathi bomile, inyoka yethusi ukubaphulukisa lapho begula, futhi nokho, nakho konke lokho, babefanele babe nomthetho. Babefuna i—isehlakalo sesayense yezenkolo, ukuze babe nokuthile ukuba baqophisane, futhi bahlele, futhi bazihlakaze.

38 Lolo nje wuhlobo olufanayo lwento eyenzeka kobaba bakithi bePentecostal eminyakeni engaphezu kwamashumi amane edlule ngenkathi uNkulunkulu ebiza indoda eCalifornia, inigro, iso elilodwa eliyinxemu, umnika isehlakalo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kusukela lapho kwabumba u-Azusa Street, i-Ol' Azusa Street Mission, kusukela lapho kwahlakazeka kwaze kwashanela sonke isizwe, kusuka esizweni kuya esizweni ngesizwe, kwaze kwathi imvuselelo yePentecostal yayivutha ndawo zonke. Isibusiso esinje pho uNkulunkulu ayesihlinzeke ngomusa!

39 Abaningi babo babengakwazi ukubhala amagama abo uqobo, abanye babo beza esontweni begqoke izindwangu. Baphumela emzileni wesitimela base becosha ummbila ogcwele isandla bawushaya emzileni, omama abancane, ukondla abantwana babo ukuze umyeni wabo akwazi ukushumayela iVangeli. Bazulazula, kwahlekiswa ngabo, kuhlekiswa ngabo, futhi babizwa ngabagingqiki abangcwele, bachitha ubusuku bonke ejele. Usuku nosuku, abanye babo, babefuna ukubafaka esikhungweni sezinhlanya, bathi babehlanya.

40 UNkulunkulu wayebahlinzekele enye yezimvuselelo ezinkulu kunazo zonke lesisizwe esesake sazazi. Angikhathali ukuthi kwakunini, ayikaze ibe khona imvuselelo njengemvuselelo yePentecostal. Kunjalo. UWesley akazange abe nayo, akukho namunye wabo owayenayo, uSpurgeon, uCalvin, uKnox, abaguquli abakhulu, kodwa abazange babe nemvuselelo njengemvuselelo yePentecostal, into enkulu kunazo zonke eyashaya umhlaba selokhu uMoya oNgcwele wehla ngoSuku lwePhentekoste, lutho. Khona manje ba—banokuningi ukuphenduka ngonyaka odlule, ibandla uqobo lwalo labeka abaningi abaphendukile kunoma, cishe impela, onke amabandla ehlanganiswe ndawonye. Niyamuzwa uBilly Graham ekhuluma ngakho esikhathini esingeside esedlule na? Ungeke wakuziba.

41 Silenze kuphi iphutha lethu na? Njengoba kwenza u-Israyeli,

asikwazanga ukuhambisana sithola nje, sihamba ngendlela uMoya oNgcwele owawusihola ngayo, sadingeka senezele okuthile ukubangela ukungakholwa ukuba kungene. Ukuba u-Israyeli wayeqhubekile elandela indlela iNkosi eyayibahola ngayo, phakathi kwamasonto amabili babekade besezweni lesethembiso, kodwa babefanele babambise ngokuthile.

42 Futhi ukuba ibandla lePentecostal beliqhubekele phambili kuMoya, indlela uNkulunkulu akumisela ukuba kuhambe ngayo, futhi wayesevele efakazisile ukuthi Wayekuyo, sasiyobe sikade siphila esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Kodwa benza into efanayo abayenza emuva lapho, njengoba iBhayibheli lasho kwabaseKorinte. Lezozinto zaziyizibonelo zethu, okwenzeka kubo kwenzeka kithi.

43 Kwenzekani na? Into yokuqala ebesingeke saba yiyo, siqhubeka siholwa nguMoya eqenjini lamakholwa, sasidingeka sibe nento ethize ukuba siqhasele igama kithi, sasifuna ukwenza inhlangano. Ngakho babebumbile, nokuthi yini eyakwenza umuntu othile wathola isambulo sokuthi abantu bebefanele babhaphathizwe eGameni likaJesu esikhundleni sikaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Futhi esikhundleni salokho, khona-ke kwenzekani na? UMkhandlu oMkhulu omdala wawufanele ube yi-Assemblies of God ngaleyonkathi. Kwenzekani na? IJesus Name yadingeka izenzele inhlangano ebizwa ngeP. A. ka W., iP. A. J. C., nabo bonke abehlukene, omunye eza egibele ihhashi, omunye eza ngefu.

44 Yilapho owenza khona iphutha lakho, yilapho wona khona kabi kabi. Awulishiyanga ngani lodwa na? Uma leloGama elithi *Jesu*, nazo zonke izinto zabo ezincane onazo, kanjalonjalo, kwakungalungile, uNkulunkulu wathi, “Zonke,” noma, uJesu wathi, “Zonke izithombo ezingatshalwanga nguBaba waMi waseZulwini ziyosishulwa.” Kuyoba yize uma kungesikho okukaNkulunkulu. Futhi uma kungokukaNkulunkulu, ubani ozokumisa na? Yilokho-ke. Kuyeke kanjalo. UNkulunkulu makabe nguMbusi.

45 Kodwa sadingeka sihlele. Manje sine-Oneness, iTwoness, iThreeness, futhi *uuu*, he, bahlukana, beqophisana, amaqembu amancane, “Singelikhulu kunawo onke.” “Sisengcosaneni ngesibalo.” “Siyiningi.” “Siyi*lokhu*, siyi*lokho*.” “Sinokwedlula konke, sinemali eningi, sinezithunywa zenkolo eziningi, sine. . . ” O, he! “Asehlukene,” asifanele, “sonke singuMzimba munye, munye ethembeni naseMfundisweni, munye othandweni.” UMoya oNgcwele! “Phambili masosha angamaKristu emasha sengathi aya empini,” nento eyodwa phambi kwethu, hhayi inhlangano, “kodwa isiphambano sikaJesu, sihamba phambili.”

46 Bekuhlala njalo kungukuthi abantu bafuna ukwengeza ingxenye yabo, benze lokho abacabanga ukuthi kufanele

kwenziwe. Into efanayo yenzeka ngenkathi u-Israyeli ethatha umcabango wokuthi babefuna ukuba nenkosi, uNkulunkulu wayeyiNkosi yabo. UNkulunkulu ubelokhu efuna ukuba yikho Konke kukho Konke kubantu baKhe, kodwa umuntu ufuna ukuzenzela okuthize kukho, ngoba sifanele sibe namagosa esigodi, sifanele sibe nama Ph.D., futhi sifanele sibe nazo zonke lezi ezinye iziqu ezinkulu, kanjalonjalo, ukuzenzela umuntu ozobuka phezulu kuye, ukuthi bonke abazalwane aba... Bathi, "Awu, bayoqophisana, futhi balwe, futhi bakhathazeke, futhi basike amakhona ukuthola uphaphe esigqokweni sabo," sikubiza kanjalo. Ngani, kuyihlazo! Kuletha ukungakholwa.

47 IBhayibheli lathi, "Ningaba kanjani nokukholwa uma ninaka omunye komunye na?" nezinto ezinjalo. Ungakwenza kanjani lapho uzama ukuthi, "Indoda yesifunda ikhona, sifanele siyilalele; umbhishobhi ukhona, sifanele simlalele; igosa likhona, sifanele sililalele"? Uzama ukuba ngu*muntu othile* enhlanganweni yakho, ungeke wakwenza bese-ke uba nokukholwa kuNkulunkulu. Ufanele uthengise kukho konke futhi ube nokukholwa kuNkulunkulu. Yilokho iPhentekoste eqala kukho. Yilokho iPenteco-...ekwenze ube yiPhentekoste.

48 Igama elithi *ibandla* lisho "ababizelwe ngaphandle." U-Israyeli wabizelwa ngaphandle, iPhentekoste yayingobizelwe ngaphandle futhi wahlukaniswa. U-Israyeli wayeyiBandla likaNkulunkulu, iPhentekoste laliyiBandla likaNkulunkulu ngenkathi libizelwa ngaphandle futhi lehlukaniswa. Kodwa wenzani na? Ufanele uziphathe njengabo bonke abanye a— bonke abanye abantu, ufanele wenze izinto abazenzayo, u— ufuna ukufana nabo.

49 Ngenkathi u-Israyeli efuna inkosi, omuhle uSamuweli umprofethi omdala, wababizela phezulu, wayesethi, "Lalelani, kukhona engifuna ukunitshela khona." Ngamany'amazwi, kanje: "Anifuni ukufana namaFilisti, anifani nezinye izizwe zomhlaba, banamakhosi abo, kodwa nineNkosi eyodwa, lowo nguJehova." Noma yimuphi umprofethi weqiniso ubeyokutshela lokho, hhayi ukukuqondisela kwenye into ethize, akubuyisele kuJehova; Mvumele akuhole, Mvumele akuhole. Awu, babefuna ukufana nezinye izizwe empeleni, noSamuweli omdala wasukuma, wathi, "UNkulunkulu uyiNkosi yenu."

50 UNkulunkulu uyiNkosi yethu. Ungazami ukulingisa izinto zezwe, ezinye izizwe, mabaqhubeke uma bekufuna. Uma abanye abantu befuna ababo abakhulu, ababhishobhi abampintshayo, nabashumayeli abakhukhumele abafundile, nalo lonke loluhlobo lwento yaseHollywood, mababe nakho, kodwa lokho akusikho okwabantwana bakaNkulunkulu. UMoya oNgcwele unguMqondisi wethu, UnguMholi wethu wokomoya. Awuzidingi lezizinto, bayazifuna, bavumele babe nazo, hhayi wena, lokho akukufanelanga.

51 Manje, siyaqaphela ukuthi kwenzekeni, uSamuweli wathi ku—ku-Israyeli, wathi, "UNkulunkulu ungithumile ukuba ngibe ngumprofethi wenu. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi engazange yenzeke na?" Cabangani ngalokho. Futhi wathi, "Sengake nganinxiba yini imali yenu na? Sengake ngayithatha imali kini na?"

52 Ngisanda kuthola incwadi evela kumfowethu phandle e-Arizona, lapho othize, umholi omkhulu wayenomhlangano. Futhi kulomhlangano, ophuma ebandleni elincane, akunabantu abaningi kunohlezi khona lapha, kubiza lelobandla amadola ayizinkulungwane eziyisithupha, *le*ndoda iyodwa ebhodini, ukuba nendoda, kwabiza izinkulungwane eziyishumi zokusakaza. Futhi ukucabanga ngakho, mfowethu, lokho amadola ayizinkulungwane eziyisithupha ebeziyokwenza ensimini yemishini, lapho engazi khona lapho abazalwane beshumayela khona iVangeli bengenazicathulo ezinyaweni zabo!

53 Futhi sifaka izigidi zamadola ezakhiweni ezinkulukazi. Angikhulumi nganoma yimuphi umuntu othize, ngikhuluma ngayo yonke into. Izakhiwo ezinkulu, ngibonile maduze nje lapho inhlangano enkulu ibeka izigidi eziyisithupha, ngiyakholwa, amadola ayizigidi ezintathu kuya kweziyisithupha esakhiweni samahhovisi, nezithunywa zenkolo zilambile ensimini, futhi sishumayela ukuthi uJesu uyeza masinyane. Ungawenzaphi umqondo kulokho, bantu na? Nje ngi, ngisemaphethelweni okuhlakanipha kwami, angikutholi.

54 Impilo yakho, okuphilayo kuyasho, ngempela, okucabangayo enhliziyweni yakho. UJesu wathi, "Uma ukhuluma into eyodwa, futhi wenze enye," Wathi, "nina bazenzisi! Ungakhuluma kanjani izinto ezinhle ngomlomo wakho, nenhliziyo yakho icabanga enye into ethize na?" Izenzo zakho zikhuluma kakhulu kunamazwi akho. Kungani sikholwa ukuthi uJesu uyeza, futhi senza lezizinto na? Asinaso isikhathi salezozinto.

55 USamuweli wathi, "Manje, ngitsheleni uma ngake ngasho noma yini kini eGameni leNkosi engafezekanga."

"Qhabo," bathi, "konke ositshele khona kuyafezeka."

56 "Ngitsheleni lapho ngake ngathatha imali yenu, ngitsheleni." Futhi wathi, "Manje, uma uhamba uziphathe njengabo bonke abanye, lapho ungenisa inkosi lapha, bese ubambisa ngokuthile phansi kukaJehova . . . "

57 "Awu," bathi, "niyabo, lena kuzoba yinkosi yethu, futhi sizofana nabo bonke abanye. Ngani, kuzo—kuzosebenza kangcono nje. Sizoba nendoda ethile esingakhuluma nayo, enye indoda engasiduduza, enye indoda ukuba ibe yilezizinto ezehlukene zethu, isiphendulele." O, mfowethu, uma nje ungowomoya ngokwenele, uNkulunkulu uzophendula kuwe.

58 Bazama ukwedlula yona impela inkulumo-mpikiswano yokuzalwa okusha. Yilokho okwenzekayo. Manje, abantu abakwazi ukucabanga ngalokhu ukuzalwa okusha, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokunye nokunye. Waze wafika kanjani lapha ukuba ube khona ngaphandle kokuzalwa kwemvelo na? Ubungeke ukwenze, ayikho nhlobo indlela kuwe yokuba ukwenze, ukuba wena ube khona, futhi ukwazi ukuhambahamba futhi wazi, ngaphandle kokuba nokuzalwa kwemvelo. Ngabe kunjalo na? Awu, into efanayo engokomoya. Uma ungazelwe ngokusha, awazi lutho nje ngakho.

59 Ubungathatha kanjani indoda ebizoqasha isigejane esikhulu sabantu, ithi, "Nginebhizinisi phandle lapha," indoda eya ngale emathuneni, igijima ngakho konke nje, igijimela emathuneni na?

"Uyaphi, mnumzane na?"

"O, nginomsebenzi omkhulu nje phandle lapha, ngiyawela ukuyothola abantu abazongisiza."

"Abanye abantu ku*kuphi* na?"

"Ngisize."

"Uyaphi na?"

60 "Emangcwabeni. O, ngibone amagama kuyo yonke indawo!" Kuyilokho-ke, amagama nje. Siba yilokho-ke, isigejane samagama aPentecostal. Kunjalo. Sidinga okuthile okunokuPhila kukho. Awukutholi ukuphila emangcwabeni, ehlelweni. Ubungashumayela kubo ubusuku bonke nosuku lonke, akukho lutho lapho ukunyakaza.

61 Umsebenzi wakho awusoze waqedwa lapho utshela abantu ukuthi iNkosi iyeza, noku—ukuvangela, nokuphumela ezitaladini futhi bafakaze, futhi benzele uNkulunkulu okuthize, ungakwenza kanjani lapho sebefile na? Ufanele ufike ndawondawo lapho okukhona khona ukuPhila, umuntu uzofanele azalwe ngokusha. Ibandla lizofanele libuyele ezimisweni zikaKristu, libuyele ekuzalweni okusha, libuyele kuMoya oNgcwele, libuyele kuyo yonke imihlangano yemikhuleko yasebusuku, izindawo zivuthela uNkulunkulu, esikhundleni sa*lokho*.

62 Wena uthi, "Awu manje, ngingowa*lokhu*, ngingowa*lokho*." UngumKristu na? "Yebo, ngingoka*s'bani-bani*." Leyo yinto eyenziwe ngokwezwe, kahle nje njengoba isifezile isikhathi sayo, kodwa ngizama ukwenza iphuzu manje, bazalwane, ake nihlale nithule nje umzuzu.

63 Abanye benu abahle, abazalwane bamahlelo asiyisikwele, ungayi ekubhavuzeni nokuklabalasa, ngoba ngi—ngi—ngiyazi ukuthi ungumfowethu olungileyo. Njengoba umfanyana wayenjalo, owangena ukuba adle isemishi, futhi uyadla, futhi washo, ukuthi i—ikati elidala liyakhuphuka, futhi likhala limzungeza, ubone umsila walo ulele phansi ngakho wavele

wabeka isisindo esincane kulo. Ikati elidala liqala ukuklabalasa, nomama wakhe wathi, "Junior, uma ungayeki ukudonsa lowomsila wekati, ngiyaphuma futhi ngikushaye imihlathi."

64 Wathi, "Mama, angidonsi umsila walo, ngibambe nje isisindo esincane kulo, lenza ukuklabalasa, liyadonsa." Kunjalo.

65 Manje, qaphelani, o, isisindo esincane nje eVangelini. Esifuna ukukwenza ngukusibeka lapho singesakhona. Nebandla lenza iphutha lalo elibulalayo ngenkathi kuqala lenza inhlangano yalo yokuqala. Wenzani na? Wena uthi, "Awu, ba—baqala ukwenza izimpikiswano." Awu, ukuba wawuyikholwa leqiniso kuNkulunkulu, uNkulunkulu usethembisile ukuthi uma Engakutshalanga, alisoze laya ndawo, empeleni, liyeke kanjalo, liyofika ekupheleni kwalo. "Sonke isithombo uBaba waMi waseZulwini angasitshalanga siyosishulwa." Kunjalo impela. Kodwa babefanele nje bakwenze.

66 Manje, siyaqaphela emva kokuba zonke izibusiso zase zifikile ku-Israyeli, nokho babefuna, u-Eksodusi 19, babefuna ukuba no—babefuna ukuba nomthetho. Babefuna ukuba nento ethize ababengazenzela yona, ezinye izinsuku zeSabatha ababengazigcina, noma ezinye izimiso ababengazenza, noma—noma *enye into ethize* eyayiphakathi, yangeniswa kubo ababengazenzela yona. Futhi uma ungenza into eyodwa ukuba uzisindise, khona-ke akukho nelilodwa ichashaza lalo umusa. Umthetho yilokho okwenzayo mayelana nomusa uNkulunkulu akubonise wona ngokukusindisa.

67 Njengoba bengihlale ngisho, angigijimisani nabanye besifazane ngoba ngesaba ukuthi umkami uzongilahla ngesehlukaniso, angigijimisani nabanye besifazane ngoba ngiyamthanda umkami. Yilokho-ke. Angikholwa ukuthi ufanele ugijimisane. Kodwa umthetho awusiwo owugcinayo, isifungo sami somshado, wuthando lwami.

68 Futhi kungukuthi, isizathu sokuba ngithande uNkulunkulu, hhayi ngoba ngesaba ukuthi Uzongithumela esihogweni, angikholwa ukuthi Uyokwenza lokho, kodwa ngoba ngiMthanda kakhulu, angifuni ukukwenza. Akukho lutho kimi okungenza ngikwenze, ngiMthanda kakhulu, ngeke ngaMlimaza ngalutho. Impela, ngiyaMthanda.

69 Futhi lapho abesilisa nabesifazane befika endaweni, "Awu, ngempela bengifanele ngihlale ekhaya futhi ngibone lomdlalo omuhle kulobubusuku, futhi kodwa ngi—ngizonitshela, bazocabanga ukuthi ngihlubukile uma ngingaqhubekeli ezansi ebandleni." Futhi nihlale lapho futhi nilale noma kanjani, ningahle nani nihlale ekhaya, futhi nibuke into ethize obuyoyijabulela kakhulu. Kodwa lapho ukujabula kwakho kuba yiNkosi, neNkosi iyinjabulo yakho, awukwazi ukuqhela ebandleni, khona-ke uya ndawondawo.

70 Ibandla lalisesimweni esingcono eminyakeni engamashumi amane edlule ngokuFika kweNkosi uJesu, kunoma linjalo kulobubusuku, lingcono kakhulu. Babesondele kakhulu kuNkulunkulu, babenoNkulunkulu omningi phakathi kwabo, babenoMoya omningi phakathi kwabo kunoma benawo kulobubusuku.

71 Kwenziwa yini na? Ngoba sazehlukanisa, iqembu ngalinye elincane kulona uqobo, ephumela lapho futhi etshela elinye—elinye, "Awu, lelo yiqhude likaklebe elidala elihlala laphaya, yikho lo*khu*. Lapho, abana*kho*, sina*kho*." Nemehluko yenu emincane yezimfundiso nokunye nokunye, futhi uNkulunkulu wayengeke akunake kangako. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.]

72 Uma singenalo uthando, kusiza ngani empeleni na? "Noma ngazi zonke izimfihlakalo, futhi ngiqonda zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu, nakuba ngingaba nokukholwa ukugudluza izintaba, futhi nginikele okwami, zonke izimpahla zami kwabampofu, futhi ngibe nomzimba wami ushiswe njengomhlatshelo, futhi ngingenalo uthando, angilutho," kwasho uPawulu, kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 13.

73 Niyabo, u—ugeja yona impela into lapho uqala ukuzehlukanisa, kubonakala sengathi awunakho ukukholwa, lapho uqala ukuzehlukanisa thina uqobo, "Siyi*leli*qembu, singaba*leli*, asihlanganise lutho nabo." Futhi konke kunguMoya oNgcwele. Ngalinye lalawomaqembu onke akhuluma ngezilimi, ngalinye lalawomaqembu linokuhle nokubi phakathi kwawo, ngokufanayo nje njengoba kwenza iqembu lokuqala, futhi ayohlala ekwenza lokho. Futhi uNkulunkulu unika labo uMoya oNgcwele oMlalelayo. Ngakho ubani owaMlalelayo na? Lowo owaMkholwa futhi waWemukela, nguye owaMlalelayo.

74 Niyabo, kodwa sifanele sibe nokuthile esizokwenza kukho qobo lwethu, sifuna ukufana namaMethodisti, njengePresbyterian, iBaptisti, iKatolika. Sifanele senze inhlangano. Sine. . . Leyo yinto efanayo uMartin Luther ehluleka kuyo, hhayi uMartin Luther, akakuqalanga, UJohn Wesley akakuqalanga, kwakungamaqembu emva kwabo akuqalile. Kunjalo. Abakuqalanga, qhabo, mnumzane, bakugcina kuhlanzekile, kodwa ngenkathi sebehamba, khona-ke umzuliswano olandelayo wabo uqala ukuhlela.

75 Futhi leyo yindlela efanayo nje okwakuyiyo emuva ekuqaleni. Iqembu lokuqala laqonda ukuthi kwakunguNkulunkulu, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi bahlala nawo, kodwa iqembu lesibili liyafika, "Awu, sifanele sikwenze *lokhu*, sifanele sizehlukanise nabo, babonakala bengenakho ukukholwa, futhi sina*kho*. Futhi sizokwenza iqembu lethu ngapha lihoxe." Kwase kuthi-ke lokho kwenza omunye umholi awelele *ngapha*, futhi ahoxise *lona*,

na*lona* ehoxa *ngapha*, *ngapha*; niyabo, into efanayo impela nje u-Israyeli ayenza.

76 Babefuna, u-Eksodusi 19, babefuna umthetho, babefuna into ethize ababengazenzela yona, babefanele babe nokuthile abangakwenza kukho. Babefanele benze abafo abakhulu, babefanele babe nemisebenzi ethile ababengazenzela yona.

77 UNkulunkulu uzohlinzeka imisebenzi. Uma nje nizohamba emseni, nizoba semsebenzini kakhulu kunalokho eniyikho khona manje neNhlangano yoSizo Yamanenekazi, nawo wonke lo omunye umbhedo owengezwe ebandleni. Amasapha esobho ukukhokhela umshumayeli, wake wayitholaphi into enjengalowombhalo na? Izishumi zikhokhela umshumayeli, ufanele aphile ngokweshumi kwabantu. Kodwa sadingeka sithole enye into ukuba siyenze, sifanele sibe nengxenye yethu kukho. Futhi uma, bengakwazi ukukulungisa, kukhona omunye umphakathi ozokwenza, omunye umphakathi.

78 Indlela kaNkulunkulu ilungile. Okweshumi neminikelo kuya kuLevi, owayengumfundisi. Uma wonke umuntu ubengakhokha izishumi zabo, ubungeke udingeke ukuba ube namasapha amasobho. Niyabo, uzithathele enye into ethize, futhi ushiye okweshumi. Uthi ukuphikisana kweTestamente eLidala. Ngingathanda ukuba nikufakazise kimi. Kunjalo. Ungeke wakwenza ngeZwi likaNkulunkulu, wuhlelo lweTestamente eLisha, futhi. UNkulunkulu wenza uhlelo olulodwa, alusoze lwaguqulwa, lufanele luhlale lungaleyondlela.

79 NjengeGazi, omunye umuntu uthi, "Awu, thina—thina, ngiyakutshela, se—senza *lokhu* futhi senze *lokho*, futhi sinezivumokholo, futhi sizama ukufundisa abantu kuKristu, sizama ukubenza ihlelo kuKristu," silwa nomoya nje, akulungile, yinye kuphela indlela eya kuKristu, leyo ingeGazi. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu kwasekuqaleni nje, futhi Angeguquke, siza ngoKristu ngeGazi. Futhi emva kokwemukela iGazi thina, isigama esiphathelene nesayense yemvelo yeGazi ukuba lisuse izono zethu, futhi lisihlanze ebubini bethu, khona-ke semukela uMoya oseGazini, onguMoya oNgcwele obuyela phezu kwethu, futhi usenza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, kunjalo, khona-ke niyizidalwa ezintsha kuKristu, khona-ke unesipiliyoni esifanayo ababenaso ekuqaleni. Uphila uhlobo olufanayo lwempilo, futhi wenze uhlobo olufanayo lwemisebenzi abayenza ekuqaleni.

80 Ya, u-Eksodusi 19, khona-ke iBhayibheli lathi wuhambo lwezinsuku eziyishumi nanye ukusuka eNtabeni yaseSinayi ukuya eKadeshi. Ezinsukwini eziyishumi nanye emva kokuba bemukele incwadi yabo yobufakazi besayense yezenkolo, imisebenzi yabo ababefuna ukuyenza, benza iphutha elikhulu kunawo onke abake balenza. EKadeshi yilapho abangabaza khona iZwi likaNkulunkulu. Kusukela esikhathini ababelandela

ngaso emgqeni noNkulunkulu, baze bathola imfundiso, kwase kuthi-ke lapho sebekwenzile benza iphutha labo elibulalayo, ukukholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliqinisile.

81 Bathatha izinhlangano zabo, izizwe eziyishumi nambili ezehlukene zathumela omele ukuba awele futhi ahlole izwe. Ababili babo bawela base bebuya nobufakazi obubonakalayo, baletha ubufakazi obubodwa obubonakalayo ukuthi kwakuyizwe elihle. UJoshuwa noKalebi bathwala lesisixheke samagilebhisi, mhlampe, ehlombe labo, wonke umuntu wanambitha, wathi, "*Mm*, he! Mahle kakhulu, ayamangalisa."

82 Kodwa lapho bebuya phambi kwebandla, bathi, "Abamelene bakhulu kakhulu, asikwazi nje ukukwenza, asikho isidingo sethu sokukuzama. Ngani, sibukeka njengezintethe phezulu ohlangothini lwalezoziqhwaga ezinkulu zemfundo phandle ngaleya, labo babhishobhi abakhulu, nodokotela bezobunkulunkulu. Yinye kuphela into, ibingenzeka kanjani iminyaka yethu emibili—emibili yesikole, imfundo yethu encane yokukhulunywa nokubhalwa kolimi yasesikoleni ike iqhathaniswe noDokotela, iPh.D., abaphindeke kabili oL.D., S.Q.U.T., zonke lezi ezinye na? Besingake sikwenze kanjani lokho ngalaba bafo abakhulukazi na?" Akusikho lokho. UNkulunkulu wethembisa izwe, imfundo ayihlanganise lutho nalo.

83 UNkulunkulu wethembisa uMoya oNgcwele kunoma ubani othandayo, makeze. Awazi ubhontshisi ohlukene kabili ekhofini, kwenza mehluko muni na? Uma ningenakusho o-ABC benu, kwenza mehluko muni, inqobo nje uma wemukele isehlakalo na?

84 Ngenkathi uPetru noJakobe behlwithwa, noma, uJohane, esangweni eLihle, lapho ababenze khona indoda eyayikhubazekile ihambe, bayenza yahamba, yayilunyonga kwasesizalweni sikanina, iBhayibheli lathi babengabantu abangazi lutho nabangafundile, kodwa nokho baqaphela ukuthi babekade benoJesu. Leyo yimfanelo yePentecostal yangempela, hhayi ukuthi uneziqu ezingakanani, ukuthi uthathe isiqu esingakanani, iZiqu zobuNgcweti, noma ngabe uyi Ph.D., noma iLL.D., kumbe noma ngabe kuyini, lokho akuhlangene ngalutho nakho, ngukwazisa abantu ukuthi ubunoJesu Kristu, wazise abantu ukuthi kukhona *Into ethize* emva kwalapho evuthise umphefumulo wakho, leyo yiPhentekoste.

85 Ngezinye izikhathi ngibona indlela ibandla elithola ngayo. . . Ngalishiya ibandla leBaptisti ukuba ngibe yiPentecostal, ngilishiye ngenxa yokuthi ngangazi ukuthi babenento ethize, kodwa lapho ngifika ngapha, kuhlelwe ngokuqinile njengoba iBaptisti yayinjalo, kubi kakhulu. Kunjalo.

86 Manje, siyaphuma futhi sibuke, futhi siqalaze, futhi sibone uhambo lwezinsuku eziyishumi nanye ukusuka esayenseni yezenkolo kuya ekungakholweni ngokuphelele, kusukela

ezinsukwini abathola ngazo umthetho kwaze kwathi ekugcineni bangena ekungakholweni ngokuphelele. Nakhu kubuya ababili ababenobufakazi obubonakalayo.

87 Ibandla lePentecostal, eminyakeni engamashumi amane edlule, labuyisa ubufakazi obubodwa obubonakalayo obuhle ukuthi kwakukhona iZwe ngapheseya kwalapho, ngoba babenobufakazi bokukhuluma ngezilimi. Kodwa mfowethu, lokho akusibo kuphela ubufakazi obubonakalayo, kwakungesikho kuphela ukuthi lalinamagilebhisi amahle kulo, kodwa lalinobisi noju olugelezayo, lalinakho konke. Kodwa baneliseka nje ngamagilebhisi, futhi bathi, "Lokho ngukuthi, ngiqagele yilokho kuphela okuyikho." Yilokho okwenziwe yibandla lePentecostal, "IZenzo 2:4, iZenzo 2:4, iZenzo 2:4," uze uthole amagilebhisi amaningi kakhulu, ngikholwa ukuthi asuka emagilebhisini angempela kwehle kuya emagilebhisini ohlobo oluthile, amagilebhisi amuncu. "IZenzo 2:4, iZenzo 2:4," uze ucishe ube ngabashumayeli be 2 no 4, kunjalo, ukuncela ngasenhlanganweni. Hhe!

88 Into eyodwa, abangikhokheli, ngikhululekile ukushumayela iBhayibheli. Futhi inqobo nje uma uNkulunkulu engivumela ngiphile, ngizoma khona lapho njengofakazi omelene nokungalungile. Angikhathali lapho . . . Akukho lutho olungalungile ngenhlangano, inhlangano ilungile. Umthetho wawulungile, wayifeza inhloso yawo, lelo yiqiniso, kodwa umthetho awubenzelanga lutho, awubanikanga-musa. Umthetho awuzange ubawelisele ezweni lesethembiso, qhabo, mnumzane, umthetho wanqamuka, uJoshuwa wabawelisa, noMose, umnikezeli-mthetho, wafa.

89 Futhi kanjalo nenhlangano yebandla izofa nya, nomusa, namandla kaNkulunkulu, noMoya oNgcwele ubuyele eBandleni ukuhlwitha iBandla liye eZweni leseThembiso. Ya, wafeza inhloso yawo, kodwa kwakungesiyo into uNkulunkulu ayeyifuna. Umthetho wafa, wanqamuka, uMose, umnikezeli-mthetho, wafa; uJoshuwa, lowo owakholwa isethembiso, waqhubeka, waqhubeka.

90 Manje qaphelani, bonke bathi, "O, ngeke sakwenza. Kuzokwenzani na? Kuyokonakalisa ifa lethu." Yilokho nina maMethodisti enikucabangile, yilokho nina maBaptisti enikucabangile ngenkathi nenyukela kulowomncele futhi wabuka ngale, wathi, "O, a—angikwazi ukukwenza, ngi—ngiyakutshela, uma bekwenza, bazokwenza, inhlangano yami yeMethodisti izongikhipha." "Inhlangano yami yeBaptisti izongikhipha." "IPresbyterian yami, izongikhipha." "Uma ngihamba ngikhuluma ngezilimi, futhi ngime epulpiti lami, futhi omunye ezethamelini zami ahambe ayokhuluma ngezilimi, uma ngingabenqabi, ngani, bazongikhipha enhlanganweni." Nakho lapho okhona, into efanayo.

91 Ake nginitshele umphumela walokho, phenyani kumaHeberu isahluko 6, namaHeberu isahluko 10, niqhathanise lawomavesi ndawonye, "Ngokuba thina esake sakhanyiswa, futhi senziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, futhi sanambitha amandla eZwe elizayo;" niyabo, "labo asebemukele ukwazi kweqiniso, base befulathela; ukuba bahlubuke ekuphendukeni; lokhu sebezibethela kabusha eNdodaneni kaNkulunkulu, futhi baYithela ngehlazo obala."

92 Nakhu: Umuntu ubizelwa ukuba ngumshumayeli, yebo, mnumzane, "INkosi yangibiza." Kulungile. Kulungile, uyafika futhi uyaphenduka ezonweni zakhe, ulungisisiwe, uba yikholwa elihle. Manje, into elandelayo ayenzayo, usabhema, usakhanuka, ubhekisisa abantu bezwe, abesifazane bezwe, futhi yena, izinkanuko nezinto kusenhliziyweni yakhe, uyazi ukuthi lokho akulungile, lokho akumfanele umshumayeli, ngakho uyehla futhi ucela uNkulunkulu ukuba amngcwelise. Usesinyathelweni sesibili-ke, "Khiphani leyonto kimi." Manje, ubuka ngale eZweni leseThembiso, umngcele, wenyukela endaweni lapho engeke aqhubekela phambili khona, uzofanele awele iJordani, yilokho kuphela, noma abuyele emuva. Niyabo? "Wayengabahlanganyeli, wakhanyiswa, futhi wemukela ukwazi kweqiniso." NoKristu uyiQiniso.

93 Singena kanjani kuKristu na? Ngenhlangano na? Ngokuxhawulana na? Ngehlelo na? Ngombhaphathizo wamanzi na? Qhabo, mnumzane. "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye." amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, amaLuther, i-Oneness, iTwoness, iFiveness, noma ngabe wena uyini, ngaMoya munye sibhaphathizelwe kulowoMzimba.

94 Kodwa, kanye, wemukele ulwazi, ufika lapho futhi uyabuka ngale, wathi, "Yebo, o, lokho kuyamangalisa, kodwa uma ngemukela lokho, ihlelo lami lizongikhipha. Angikwazi ukukwenza, ngoba abakholelwa kukho. Ngeke ngavumela abantu bakithi benze lokho. Uma ngifundisa lokho ebandleni lami, bayoba nani na? Bayoba namagosa esigodi akhuphuka ndawonye, ayoba namadoda amakhulu akhuphuke, athi, 'Uma wenza into enjengaleyo, uyakuvumela lokho, usho uphume enhlanganweni. Uma uno*s'bani-bani* lapha, sizovele sikuxoshe enhlanganyelweni.'"

95 O Nkulunkulu! Kumshumayeli oyintekenteke kanjalo, udinga ukubuyela eKalvari. Kukhona okungalungile ngaye, lapho wenelisekile ukuthi yiZwi likaNkulunkulu, futhi kungekho ukulahlwa icala kwangempela kukaMoya oNgcwele ukuma kulokho okulungile. Haleluya!

96 Owesilisa uyomhlonipha owesifazane, angahle abemnyama njengamalahle, kodwa ubona lowo wesifazane njengowesifazane, umela isithunzi esingesowesifazane, indoda

yangempela iyokhumula isigqoko sayo kuye, kunjalo, ngoba umele lokho okulungile ngokomgomo. Kunjalo impela. Angahle abe mubi njengakho konke ukuphuma, uyoba nenhlonipho ephindwe kayinkulungwane ngaye kunoma ebengaba nayo ngenye yalezizindlovukazi zaseHollywood, kumbe noma kungaba yini, uma ene*ndoda* yangempela ngaye. Qiniso.

97 Wenza kanjalo noNkulunkulu lapho Ethola umuntu Angabeka ukwethemba okwenele kuye ukwembula iZwi laKhe kuye, futhi uzoma, ame esivumelwaneni seBhayibheli, futhi athi, "Kufakazise kimi." Kunjalo. Khona-ke uthatha iZwi likaNkulunkulu, lonke iZwi ngendlela nje eLilotshwe ngayo, futhi uLishumayele nje ngendlela eLilotshwe ngayo, UNkulunkulu ubophezelekile ukuza ngqo emva kwalapho eLiqinisa ngezibonakaliso nezimanga zilandela, njengoba Athi Uyokwenza.

98 Hhayi ukuma ebufakazini obubonakalayo obubodwa, kunobunye ubufakazi obubonakalayo, kukhona amakhaya, kunezindawo, kukhona izingadi, ubisi, noju, nokudla okumnandi, nezinto eziningi, amanzi egeleza evela ezintabeni. Yonke into inhle laphaya, hhayi nje isixheke samagilebhisi, kodwa yilapho esima khona, "Akabusiswe uNkulunkulu, nginoMoya oNgcwele, ubufakazi bokukhuluma ngezilimi." Lokho kulungile, kukhombisa ukuthi ukhona owawelela laphaya. Kodwa umelani kulomngcele na?

99 Niyabo, "Benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, futhi banambitha amandla ezwe elizayo," babone ukuthi bazowela emuva kulesosisele esifanayo esidala amaMethodisti asenza, amaBaptisti asenza, iPresbyterian eyasenza, "bese bezibethelela iNdodana kaNkulunkulu kabusha, futhi baYithele ngehlazo obala."

100 Futhi siyathola oNyakeni weBandla laseLawodikeya ukuthi Wayengaphandle kwebandla lePentecostal ezama ukubuyela ngaphakathi. "Mthele ngehlazo obala." O, Nkulunkulu yiba nomusa, mfowethu. Uma ningavumelani nami phezu kwalezizinto, hlolani imiBhalo. Tholani usuku esiphila kulo, nibone ukuthi lukuphi.

101 Nginesiyalo (angizukukufunda manje, kodwa *nakhu*, uDemos Shakarian unakho kubhalwe phansi.) ngendoda, indoda yaseHollywood, ekhuphuka ukuzoxhawulana nami, futhi iqala ukukhuluma ngesiFulentshi, nomhumushi we-U.N. lapho wanikeza ukuhumusha, ngowesifazane ongumFrentshi, wathi, "Ngoba ukhethe indlela enzima, kodwa leyo INDLELA YAMI, ungesabi ukuthi abantu bathini ngawe, ngokuba Nginawe, futhi Ngiyakuba nani, futhi Ngiyakufezekisa ngokuchichimayo ngokwedlulele."

102 Nginakho kubhalwe khona lapha, futhi kwasayinwa ngu. . . No—noMfowethu Demos Shakarian uyakubhala phansi

ngommeli womphakathi. Naleyondoda, iBaptisti, yayingazi lutho ngakho, kodwa bengizama ukuma lapho futhi ngilahle into ephuphuthekisa amehlo abantu bePentecostal, iHollywood ingene emabandleni, ubuvangeli beHollywood.

103 Umfo uzokhipha ezinye izimvilophi, bese ethi, "Faka amadola angamashumi amabili nanhlanu kuyo, futhi ngizokukhulekela," ngikutshele ukuthi izitshalo zakho zizohamba kabi uma ungenzi. . .vumele. . .fake *okungaka* emnikelweni. Kwenzeka nini ukuthi iPhentekoste yayifuna imali na? Ngani, mfowethu, ngesikhathi seBhayibheli babethengisa ngalokho ababenakho base bekwabela ibandla. Namhlanje sifanele sibe noxhaxha loCadillac kungenjalo anisibo abomoya. Kuyisono, kuyihlazo.

104 Sizama ukubona ukuthi ngeke yini sakha ibandla elingcono kuna—kunalelo abanalo *laphaya*, iPresbyterian ibandla elingcono kuneMethodisti, futhi sithi uJesu uyeza masinyane. Bahleka ebusweni bakho ngqo. Kunjalo. Esikudingayo namhlanje akusilo ibandla elingcono, ubuyoba ngcono ukuba ubunemishini, ubuyoba ngcono ukuba ubumi ngaphansi kwesinye salezizihlahla zom-oki phandle lapha, noma izihlahla zeshoba, singenandawo yokucamelisa amakhanda ethu, nokushumayela iVangeli, kunokuxegisa.

105 Sisesimweni esibi kakhulu, ibandla uqobo lwalo. Kwenziwa yini na? Ngoba sazehlukanisa, omunye wehlukanisiwe ku*lona*, omunye wehlukanisiwe ku*lowo*, siba ngabakhulu abacabanga inhlangano, nakho konke. Nje kunikhombisa impela, emfanekisweni, ukuthi benzani ngaleyonkathi. Futhi besiyoqhubeka siwele futhi sibe sesikhathini seminyaka eyiNkulungwane.

106 Ngikholwa ukuthi ukuFika kukaJesu Kristu sekwedlule isikhathi, ngingakufakazisa ngeBhayibheli, iBhayibheli lathi, uJesu Kristu washo qobo lwaKhe, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa," futhi uNkulunkulu wayebekezela, engathandi ukuba kubhubhe namunye, wayebekezela, elindile, elindile, ebamba ulaka, elindile, abone uma omunye umuntu engeke, elindile, elindile, elindile, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." UNkulunkulu uyabekezela, ulindele ukufaka iBandla laKhe esimweni.

107 Kuyini na? Kuyini na? Esikhundleni sokungena esimweni, siyaqhela kakhulu ngaso sonke isikhathi. Besifanele sibe sesikhathini seminyaka eyiNkulungwane, besifanele ngabe senzela uNkulunkulu okuthize, besifanele singene eminyakeni engamashumi amane edlule, kodwa qhabo, senza iphutha elifanayo abalenza. Bafika eKadeshi, iminyaka engamashumi amane, noNkulunkulu wababuyisela emuva

ngenxa yokungakholwa. Kwakuyini na? Inhlangano. Abantu babebuka . . . Kuyokwenzekani na?

108 Manje, wena uthi, "Iyiphi inhlangano na?" Nonke! Zehlukaniseni. Wena uthi, "Ngingaba yi-Assembly futhi ngibe ngokamoya na?" Impela. "Ngingaba yi-Oneness futhi ngibe ngokamoya na?" Impela. UNkulunkulu ukunika uMoya oNgcwele uma uyiKatolika. Akunandaba ukuthi uyini, inqobo nje uma ungumntwana kaNkulunkulu ngokuzalwa kuMoya oNgcwele, ungumntwana kaNkulunkulu.

109 Manje-ke ninga, khumbulani, omunye umfowethu udonsela ukwemboza, futhi, ingubo yokulala inkulu ngokwenele kinina nobabili, uNkulunkulu wayenza ngaleyondlela, ungayidluthuli yonke, futhi uzisonge ngayo, uthi, "Yiba yiqeqeba lamakhaza ufe." Uma ugodola, ake ngikusize. Uma sekufika endaweni ongafuni ukusiza umfowethu owile! Uma ucabanga ukuthi uwile, msize ngandlela thize, ume phakathi kwezikhala, *uvale isikhala* sendlela ngothando. Lowo usimende ohlanganisa iBandla likaNkulunkulu ndawonye, ungusimende wothando olungcwele lukaNkulunkulu phakathi kwabazalwane.

110 "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi," lapho ningabe-Assemblies na? "Bonke abantu bayazi ukuthi ningabafundi baMi," ngani na? Isizathu niyi-Oneness na? Ngoba niyiChurch of God na?

111 "Lokhu wonke umuntu uyokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye." Yilapho bezokwazi khona, yilapho izwe lizokwazi khona ukuthi singamaKristu, yilapho izwe lizokwazi khona ukuthi singabazalwane nodadewethu, lapho sinothando komunye nomunye. Lolo wuphawu lobuKristu, uthando lomunye komunye. Uma sithola lokho, khona-ke uNkulunkulu uzoqala ukusebenza phakathi kwethu futhi asilethele ubisi, uju, izinto ezinkulu. Ngani, kuhle lapho sithola ukuthi yiliphi icebo likaNkulunkulu, bese singena kulo.

112 Manje, siyakuqaphela lokho, benzani, ikholwa elithiyeka emnceleni na? "Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, benziwa abahlanganyeli, futhi, bakaMoya oNgcwele, futhi banambitha okweZwe elihle elizayo, futhi—futhi baba nokwazi kweqiniso, bemukela ukwazi kweqiniso," uyenyuka futhi ubuke eZweni bese uthi, "Awu, angikwazi nje ukukwenza," buyela emuva . . . Yilokho impela labobafo abathiyeka emngceleni abakwenza ngalolosuku. Benzani na? Bona, bonke, babhubha ehlane.

113 Lapho sicabanga ukuthi uNkulunkulu ubophezelekile kithi ngoba "Singu*s'bani-bani*, iMethodisti ayihlangene ngalutho kukho, iBaptisti ayihlangene ngalutho kukho, i-Oneness ayihlangene ngalutho nakho, i-Assemblies ayihlanganise

lutho kukho," khona-ke sinephutha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

114 Ningayibhekisisi inhlangano yenu, bhekisisani indlela uMoya ohola ngayo, uma uMoya ekuhola, Awusoze wakuhola ngokuphambene neZwi, Awusoze waziphatha ngokungesikho ngokungajwayelekile, inqobo nje lapho Uhlala kuleloZwi.

115 Wenzani uNkulunkulu na? Wabashiya lapho iminyaka engamashumi amane ehlane. Yilokho impela Akwenzile ePentecost. Sasinobufakazi bokuqala obubonakalayo, ukukhuluma ngezilimi. O, wena uthi, "Sibe nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Bakwenza, futhi, babenenyoka yethusi; babeneDwala elishayiwe, o, impela. "O, Mfowethu Branham, ake ngikutshele, thina be-Oneness, thina ma-Assemblies, thina *S'bani-bani*, simemezile, sasina eMoyeni." O impela, bakwenza, nabo, kodwa bahlala ngaphandle kwezwe lesethembiso iminyaka engamashumi amane.

116 Senake nacabanga ngalokho abakwenzile na? O, uNkulunkulu wababusisa, Akababusisanga na? Wathi Wakwenza. Balima izitshalo ezinhle, babenemindeni emihle, bahlala lapho, futhi babusiswa, futhi baphumelela. Ngani, abanye bethu maPentecostal banjalo, mfana, abanye babo, ngani, sibiza izigidi zamadola, inqwaba yawo. Impela, si. . . UNkulunkulu usiphumelelisile.

117 Ngime esikhathini esingeside esedlule e—emhlanganweni, umfowethu ohlezi lapha manje, ubehlezi ekhona, uMfowethu Fred Sothmann, ngenkathi ngikhuluma ngobunye ubusuku eKingston, eJamaica, futhi ngangineFull Gospel Business Men, wona impela amadoda engiwasebenzisela ukugobela phakathi ukuzama ukuletha uMlayezo wami kubantu, ukukhombisa ukuthi ngalenhlangano yosomabhizinisi. . . Ngani, khona-ke osomabhizinisi bebandla baphumela kulowomhlangano, kuzoletha. . . awu, uma umelusi engezi, kuthi ukumthela ngehlazo. Ngakho ngaleyondlela ngingasebenza phakathi lapho ukuzama ukuhambisa uMlayezo weNkosi kubantu engibabonayo, abazalwane bami, abazalwane bami.

118 Kwase kwenzekani-ke na? Nga—ngangishumayele ngohlobo lokukhahla ngokumelene nakho. Nalomholi othile wasukuma, wayesethi, "Mfowethu Branham," wathi, "Ngizokutshela. . . "

119 Ngathi, "Yini indaba ngani bosomabhizinisi na? Nenzani na? Nina ni, kulowomhlangano webhizinisi kulobubusuku, yonke into eniyifakazile kulabo baseJamaica yayingukuthi, 'Benginebhizinisi elincanyana ekhoneni, belingaphumeleli nhlobo, haleluya, nginoMoya oNgcwele, uNkulunkulu ungipha uxhaxha lwamaKatolika, noma, okwehl-. . ., noma, oCadillac, ne—nezimoto ezinkulukazi, nokukhulu kakhulu *lokhu*, futhi Unginika ikhaya elisha, Unginika konke *lokhu*.' Lawomadoda unazo lezozinto, awafuni ukuzwa lokho. Lokho kuphambene

nePhentekoste, EPhentekoste, bathengisa ngakho konke ababenakho, babela abampofu, futhi baphuma bengenalutho. Baphuma benoJesu yedwa." Kunjalo.

120 Lomholi ngalobobusuku, wasukuma, wathi, "Kodwa Mfowethu Branham, ngifuna ukukutshela okuthize khona manje," wathi, "lokho kungenkathi iPentecostal, leloqembu labantu lenza iphutha labo elikhulu kunawo onke abake balenza, ngenkathi bethengisa ngamakhaya abo, futhi bawanika abampofu." Angiceli muntu ukuba athengise ikhaya lakho, ngikucela nje ukuba ulandele uKristu. Kodwa ngiyanitshela, ngicaphuna umBhalo nje. Wayesethi-ke, "Awu . . . "

Ngathi, "Awu, Mfowethu, babeholwa nguMoya oNgcwele."

Wathi, "Awu, benza iphutha."

Ngathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi uMoya oNgcwele ubungaholela umuntu ephutheni na?"

Wathi, "Kufakazisile, ngingakufakazisa kuwe ngomBhalo."

Ngathi, "Yima ngezinyawo zakho futhi ukwenze, Mfowethu." Ngathi, "Manje . . . "

121 Wathi, "Nakhu lapho enikhona: Kwathi nje ukuhlushwa kungavukela iBandla labobantu babengenandawo abangaya kuyo, base bevele bethengise ngamakhaya abo futhi balinika abampofu, bazulazula nje."

122 Ngathi, "Khona impela uNkulunkulu ayefuna bakwenze, noMlayezo wahlakazeka kulo lonke izwe. Ukuba babenekhaya, babeyobuyela kulo, kodwa babengenandawo abangaya kuyo, ngakho-ke bazulazula futhi basakaza uMlayezo." Yilokho impela uNkulunkulu ayefuna bakwenze. Abantu abasafuni ukuthatha lowomgwaqo, abakufuni lokho, o, qhabo, mnumzane.

123 O, thina maMelikana sinezimpiko futhi sikhuluphele, futhi si—sizigoqe nje, futhi asidingi ngisho nokuthi sihlale futhi sikulalele, sivele sisukume bese siya ekhaya. Impela, kunjalo. Abakufuni.

124 Into yakho ingukuthi, niyakhumbula ukuthi uMoya oNgcwele uzobeka bani uphawu ngezinsuku zokugcina, niyazi ukuthi iBhayibheli lathini na? "Labo ababubula bekhalela izinengiso ezenziwa emzini," uHezekeli isahluko 9.

125 Nakuba, ngifuna ukubuza abanye benu bantu: Mingaki iminwe ongayiphakamisa, kulobubusuku, yanoma yimuphi umuntu kulelidolobha, noma idolobha lakho ovela kulo, ababubulayo nabakhalayo, imini nobusuku, ngezinengiso zedolobha na? Phakamisani izandla zenu. Ngitshele, ukuthi, "Ngingakhomba abantu abahlanu edolobheni lami. Ngingakhomba abantu ababili." Noma, "Nginga, ngikhomba umuntu oyedwa." Uma ningakwazi, gcinani izandla zenu ziphansi. Akukho sandla esiphakeme. Nakho lapho okhona. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba

njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Silahlekelwe ukushisekela. I—ibandla lePentecostal lizofanele libuyele esimweni salo sasekuqaleni.

126 Senzeni na? Sisanda kukhuluphaliswa nje, futhi saba noboya, futhi sahlala phansi, futhi nje sakudedela, sigqoka njengezwe, siziphathisa okwezwe, siya ekuzijabuliseni kwezwe, senza izinto izwe elazenza, sinezinhlangano zethu, amahlelo, futhi sincintisana nabo, nezakhiwo zethu zebandla, nakho konke, ukushumayela, "O, yebo, haleluya!" Njengoba uDavid duPlessis wake wathi, "Lokho ngabazukulu, labo abasiwo amadodana kaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu akanabazukulu." UNkulunkulu akasuye u*Mkhulu*, Ungu*Baba*. Kunjalo.

127 Futhi senzani na? Singenisa abantwana bethu, sibabeke ohlakeni, nesoni phandle lapho, futhi sijoyina ibandla lePentecostal, futhi sithi, "O, akumangalisi lokho na? Ufikela ukuba yiPentecostal." Umzukulu.

128 Indodana kaNkulunkulu yangempela iyavutha, ayincengi, ima lapho ingazi lutho ngaphandle kukaKristu, futhi Yena ebethelwe. Akukho okuyibambayo ngaphandle kukaNkulunkulu, uholwa nguMoya, akukho okunye okuMkhathazayo. Ulandela uMoya nomaphi lapho Uya khona. IziDalwa eziphilayo, njengaseNcwadini kaHezekeli lapho amasondo aya khona, ngani, iziDalwa eziphilayo zakulandela, manje, qaphelani, iziDalwa eziphilayo, hhayi ezifile, iziDalwa eziphilayo.

129 Bhekisisani umzuzu nje, bahlala lapho, baganwa amakhosikazi, bakhulisa abantwana, babenezitshalo ezinhle, babusiswa, ya, futhi ba—baba nesikhathi esimnandi. Babephakathi lapho. . .Bahlala lapho isikhathi esingakanani na? IBhayibheli lasho kwaze kwathi zonke izilwi ezindala zase zifile. Kunjalo. Bonke labo abathi, "Udumo kuNkulunkulu, siyi-Assemblies." "Awu, udumo kuNkulunkulu, singu*kuthi-nokuthi*." "Nkulunkulu, siyi-Oneness, haleluya, bonke abanye banephutha." "Akabusiswe uNkulunkulu, siyiChurch of God of Prophecy." "Haleluya, singu*S'bani-bani*." Kulungile, qhubeka. Benzani na? Babelokhu bephikisana ngemfundiso yabo, baze bahlala lapho baze bafa. Futhi yilokho okwenzekile khona manje, bafile, bafile nenhlangano yabo.

130 Ngizoletha noma yimuphi usiyazi wezenkolo e. . .ukusho lokhu, usomlando, ngiyazi ngababili abahle abahlezi khona lapha manje, abakahle njengoba ekhona esizweni, ngicela noma yimuphi usomlando ukuba angitshele ukuthi noma ngasiphi isikhathi uNkulunkulu ake angena emvuselelweni, izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo zalandela. Wake wanyakaza nini, lokho okungaphezu kwemvelo akuzange kulandele na? Futhi bake bahlela nini lokho enhlanganweni,

kodwa eyafayo, futhi ayiphindanga yavuka na? Ngikhombise kanye ukuthi inhlangano yake yavuka ekuqaleni kwayo futhi. Yafa ngokushesha nje lapho ihlela, kanjalo namaPentecostal.

131 Izilwi ezindala phandle lapho, ezifuna ukuthi, "Haleluya, asihlangene ngalutho nalolodaba olusha oludala, uDumo kuNkulunkulu, silunikwa ngesiprofetho, haleluya, asizukuzihlanganisa ngalutho ne-Assemblies noma i-Oneness, noma yiyiphi, haleluya, sehlukile," bafile. Lokho akusikho ukuncenga. Futhi bafile, bamakiwe, ngo *X*. Wahlala lapho futhi wabayeka bafa, baze bafa yonke indlela.

132 Kwakuyini na? Ngolunye usuku nakho kufika omunye ovela phakathi kwabo, wathi, "Lokhu akusikho konke okulotshwe Lapha." Benzani na? Khona emuva ngqo phezu kwezinkundla ezindala ezifanayo njalo ebusuku, begibele bezungeza, bezungeza leyontaba, bagibele bezungeza, futhi bezungeza, futhi bezungeza, begibele bezungeza, into endala efanayo, "IZenzo 2:4, iZenzo 2:4, iZenzo 2:4, iZenzo 2:4! Haleluya! Yemukela uMoya oNgcwele, ukhulume ngezilimi, uMoya unikeza ukuphumisela. Udumo kuNkulunkulu! Ngikhulekeleni ukuba ngibe ngowokugcina. . .lowo uNkulunkulu ambizile ngalezizinsuku zokugcina. IZenzo 2:4! Ngiyajabula ngithole uMoya oNgcwele ukukhuluma ngezilimi." Kunjalo, lokho kulungile. Kodwa kungani nihamba kulentaba endala efanayo kanti kuneZwe leseThembiso phambi kwenu na?

133 "Akabusiswe uNkulunkulu, ngijoyine i-Assemblies." "Ngijoyina i-Oneness." "Ngijoyine *lokhu*." "Ngijoyine *lokho*." Into nje endala efanayo amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, iLuthela, nabo bonke sebephelile, bafela emikhondweni yabo, bafa.

134 Lokho kul'khuni, ngiyazi, mfowethu, kufana nokuthatha ukhasta oyela, kodwa kuyokusiza. Kunjalo. Okudingwa yibandla namhlanje umthamo omuhle—omuhle womuthi weVangeli, tholele wena, ubuvila buphume kuwe, izwe, ukungcola. Esikudingayo namhlanje ngamandla kaMoya oNgcwele abuye, siholwa nguMoya.

135 Kwakuyini na? Leso kwakuyisithunzi nesifanekiso sebandla lePentecostal namhlanje, iminyaka engamashumi amane kamuva lapha sizithola siselokhu siseZenzweni 2:4. UNkulunkulu angahle angene nenye into ethize, nezinye eziningi zezibusiso zaKhe, futhi bathi, "Udumo kuNkulunkulu, besingenakho lokho. Haleluya! Sikholwa iZenzo 2:4. Awu, lapha, okhokho bethu bahlela *lokhu*, uma bengezi ku*lokhu*, akabongwe uNkulunkulu, angeke—ngeke sibambisane nakho." *Mm*, *mm*, *mm*! Nina eniwohlokayo ndini, *enihlubukile*! Yini indaba na? Lusizi!

136 Ungamlandela kanjani uNkulunkulu na? Ungaya kanjani lapho uMoya uya khona na? Inhlangano yenu iyoba kahle

uma niphetha imfundiso yenu ngokhefana, "Sikholwa yi*lokhu*, kanye nalokho uNkulunkulu anganezela kukho." Kodwa ukuphetha ngongqi, "Sikholwa yi*lokhu*, futhi ubeka uphawu ku*lokhu*, noma yilokho-ke." Yilokho uLuther akwenzile, yilokho okwenziwe nguWesley, yilokho okwenziwe nguJohn Smith, yilokho okwenziwe ngu-Alexander Campbell, yilokho bonke abakwenzile, futhi yilokho okwenziwe yiPhentekoste. Nakho lapho okhona, iminyaka engamashumi amane ufile emikhondweni yakho, neZwe leseThembiso lokugcwala kwezibusiso zikaNkulunkulu kubekwe phambi kwakho ngqo.

137 Kwenzekani na? Ngolunye usuku uJoshuwa omdadlana, walikholwa lonke iZwi uNkulunkulu alisho, kunjalo, wathi, "Konke kuyiqiniso, uNkulunkulu wasinakekela futhi wasigcina isethembiso saKhe, Wathi Uyosihlinzeka ngezidingo zethu sisephandle lapha, kodwa lokho akusikho konke okwakho, nakho kulele izwe lesethembiso, asihambe siye kulo. Usube kulentaba iminyaka engamashumi amane, phenduka manje, bese uphendukela enyakatho, naphezulu, bese uwela." Amen.

138 Ibandla lePentecostal lihlezi ekumeni kwenhlangano yalo iminyaka engamashumi amane, senibe lapha isikhathi eside ngokwenele, bazalwane, asisukume siye enyakatho, siwele iJordani, lapho izwe lesethembiso likhona, lapho uNkulunkulu athembisa khona ukuthi "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza." Izibusiso nayo yonke into Ayethembisa ingeyethu, sonke isethembiso eNcwadini singesakho. Kodwa ufanele wenzeni na? Wozani eJordani kuqala, futhi nife ezivumwenikholo zenu namahlelo, niwele.

139 Khumbulani, Wathi, "Manje, njengoba nihamba, nenyukela lapho ngakwabathiyeka emngceleni. Manje," wathi, "ungamthinti u-Esawu. Manje, u-Esawu uyiNtaba iSeyiri." Wathi, "Ungamthinti." Wathi, "Ngimnika lokho. Uma udlula, uma u—uma udla noma yini, mkhokhele ngayo, uma uphuza amanzi, akhokhele, yena. Ungalithinti ikholwa elithiyeka emnceleni, ngoba aNgizukukubusisa kukho." Niyabo? "Ungabe usamshaya, dlula nje ngokuthula."

140 Manje, uma amaMethodisti namaBaptisti behlala phezulu lapho emnceleni. . . Yonke imvuselelo eke yavela yaveza amawele, angikhathali ukuthi yayikuphi, iveza amawele. Enye yazo. . . Kufana nje—njengo-Esawu noJakobe nje, bobabili babemelwe kulawomadodana ka-Isaka. U-Esawu wayendoda yezwe, wayeyindoda ekholwayo, wakhathalela izinto, futhi wenzela uyise izinto, futhi wayeyindoda enomoya omuhle. Kodwa uJakobe wayenokubona okufihlakele, wayazi ukuthi ubuzibulo babusho yonke into, akwenzanga mehluko ukuthi wayefanele akuthole kanjani, ukuze nje akuthole; leyo yindoda yokomoya namhlanje.

141 Nango u-Esawu, wayenefa lakhe khona lapho

ngasemnceleni. Futhi uNkulunkulu wamtshela, watshela uJakobe lapho edlula, wathi, "Ungazenzi isiwula no-Esawu, ungajoyini noma yiyiphi yezinhlangano zakhe, ungenzi noma yini yalezizinto lapha. Manje, usuvele ukubonile lokho obunakho wena uqobo ezansi lapha iminyaka engamashumi amane, ufuna ukuhlala eminye iminyaka engamashumi amane na?"

142 Nina bazalwane, nifuna ukuchitha eminye iminyaka engamashumi amane ekuxovekeni kwehlelo, niqophisana nomfowenu na? Asisukume, futhi siwele, asiye eZweni leseThembiso, lapho zonke izethembiso eNcwadini zingezakho. I*Jordani* lisho "ukufa," ufanele ufe kuwe uqobo ngaphambi kokuba uwele. Kunjalo. Welela lapho. Abantu baphila esimweni esisivivi, iBhayibheli lasho njalo.

143 Labo bazalwane phandle lapho entabeni, ba—babebusisiwe, babene. . . baphumelela. Awu, babenenqwaba yokudla, imana yawa ivela eZulwini, lokho kwakulungile, kodwa babesalokhu bephumile esethembisweni. Njengebandla laseLawodikeya nje, unyaka webandla lePentecostal, banezibusiso, kodwa uNkulunkulu akasebenzananga nabo, Wayengenakubayisa eZweni leseThembiso, ngoba babengalungisiwe ukuba bahambe, baze bafika endaweni lapho baqonda khona ukuthi babefile emibonweni yabo ecatshangwayo, khona-ke uNkulunkulu wabathatha.

144 Manje, ngenkathi edlula ngasentabeni ka-Esawu, wadlula enhlanganweni, wenzani na? Manje, kwakukhona uMowabi, impela, uMowabi wayeyinhlangano, wathi, "Nizodlula ezweni lakhe, ninga—ningathi vu kuye, ngimnika lokho."

145 Manje, Wanika amaMethodisti indawo yawo, Wanika amaBaptisti indawo yawo, Unika izinhlangano zePentecostal indawo yazo, ungasho-zwi kubo, wedlule nje ngqo, futhi uthi, "Sawubona, Mfowethu na? Sawubona?"

146 "Kodwa Jakobe, sisendleleni yethu ebheke eJordani." Amen. Endleleni yethu ebheke eJordani! Uma bethi, "Awu manje, lalelani, ini. . . ?"

147 Awu, akwenzi mehluko ukuthi bathini, wena uthi, "Ngiyabonga, Mfowethu. UNkulunkulu abe nawe, Mfowethu." Dlula nje ngokuthula, ungasho lutho, kodwa qhubeka ubheke ngaseJordani, ngoba siyenyuka ukuyothatha iZwe leseTthembiso, Linikwa thina, ukugcwala kwamandla kaNkulunkulu. UJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza."

148 Abantu bazama ukumangala ukuthi kungani imibono, nezinto ezinkulu ezinamandla zingenzeki ebandleni, nokuphulukisa okukhulu kakhulu, kanjalonjalo, uNkulunkulu ufuna ukuwelisa iBandla, futhi sisemuva ezansi lapha kulentaba, sihambahamba, sizungeza. Hlobo luni lwentaba

na? Intaba yenhlangano. "O manje, awume kancane, Mfowethu Branham, uthola . . ." O, qhabo anginjalo.

149 INtaba iSeyiri, intaba, yayingeka-Esawu, inhlangano yakhe enkulu, no-Israyeli wazibumbela intaba. Babesentabeni, nabo, kodwa ngelinye ilanga uNkulunkulu wathi, "Suka kulentaba, Ngizokuwezela ngaleya emathafeni. Ungeke wathola lutho kulamagquma amadala anamatshe lapha, akukho okuhle ongakwenza, welani ngaleya, lapho enginganibusisa khona ngobisi noju, futhi ngithululele izinto ezinhle zikaNkulunkulu kini, futhi nginihlalise phansi."

150 Yilokho iBandla elikudingayo kulobubusuku, ngukushiya lentaba, bese uphendukela enyakatho, asishiye lesi esibandayo, izimo ezigcina umthetho ngegama. Nina bazalwane be-Assembly, nina bazalwane be-Oneness, nina bazalwane beChurch of God, nonke nina bazalwane, besingekho yini lapha isikhathi eside ngokwanele na? Asikhohlwe imehluko yethu, asihlanganise izinhliziyo zethu ndawonye, izingalo zethu ndawonye, imizamo yethu ndawonye, izinjongo zethu, izimpokophelo ndawonye, futhi sikhuphukele eJordani, futhi sibethelwe kulezizinto, futhi siwelele eZweni leseThembiso, lapho uNkulunkulu athembisa khona ukuhamba nathi, futhi asibusise, futhi asinike ngokuchichima ngokweqile.

151 Ungeke wephula imifanekiso namathunzi kaNkulunkulu. Yilokho u-Israyeli akwenzile kokwemvelo, yilokho abakwenzile kokomoya. Siyaqonda ukuthi lezozinto zenzeka ku-Israyeli, manje zenzeke ebandleni namhlanje, njengoba nje zenza ngaleyonkathi. Sesizofika ekupheleni komgwaqo manje, bazalwane, sekuyisikhathi sokuthi kwenzeke okuthile.

152 Ngifuna ukuwela iJordani, anifuni na? ngale eZweni leseThembiso, lapho singabona khona . . . Sibone izinto ezinhle, uNkulunkulu ubemuhle kithi, asikhonondi. Ngiphandle lapha nani, ngiphandle lapha kulezizinto nani, kodwa, bazalwane, asizihlanganise ndawonye, futhi siwele, sifanele siwele.

153 UJoshuwa omkhulu, uMoya oNgcwele owemukela isethembiso esivela kuNkulunkulu, owehla ukusihola, Akakaze akungabaze. UJoshuwa akazange akungabaze, wayengujenene kaNkulunkulu, kunjalo impela, wayengujenene kaNkulunkulu, futhi nguye owayehola abantwana.

154 Futhi nguMoya oNgcwele ofanayo, uJenene kaNkulunkulu, iNduna eNkulu eyama emasangweni aseJeriko ngenkathi uJoshuwa ekhuphuka, iNduna eNkulu efanayo, uJenene wethu, ufuna ukusiholela eZweni leSethembiso, futhi NguYe kuphela ongakwenza. Izinhlangano zethu ngeke zikwenze, ISHO KANJE INKOSI. Kumakeni phansi lokho. Kufake nje lokho encwadini yakho, bese ubona ukuthi lokho bekuqinisile noma qha. Inhlangano ayisoze yakuwelisa, iyokugcina entabeni

ngqo, kodwa uMoya oNgcwele uzokuthatha ukuyise eZweni leseThembiso.

155 O, aniMthandi na? AniMkholwa na? Anifuni ukuMkhonza na? O, lokho yizinjongo zenhliziyo yami, uma ngikwazi.

156 Nkosi, mangibone uJesu, mangibone Yena kuphela. Mangifinyelele futhi ngithole wonke umfowethu we-Assembly okhona, mangifinyelele futhi ngithole abazalwane be-Oneness, mangifinyelele futhi ngithole iChurch of God, mangifinyelele futhi ngithole bonke laba abanye abazalwane, noma ngabe bangobani, bese ngithi, "Bazalwane, bazalwane, asiyishiye lentaba!"

157 Wozani Assemblies of God, wozani Church of God, wozani nina Oneness, Twoness, nanoma ungahle ube yini, asihlanganise izinhliziyo zethu ndawonye, izinsuku zokulwa seziphelile, masimashe sibheke eKhanani. Haleluya!

Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho,
(kulobubusuku, ngokukholwa,)
Futhi ngiphonse iso lokufisa,
EZweni laseKhanani elihle nelijabulisayo,
Lapho ingcebo yami ikhona.

O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde kuleliZwe leseThembiso.

158 Uma kuthatha konke okusempilweni yami, wonke umngane, konke okunye, ngiqonde ezweni lesethembiso. Uyafuna ukuhamba na? Ufuna...? Asime ngezinyawo zethu-ke, umzuzwana nje.

Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho,
Futhi ngiphonsa iso lokufisa,
EZweni laseKhanani elihle nelijabulisayo,
Lapho ingcebo yami ikhona.

Phakamisani izandla zenu manje njengoba nilicula.

Ngiqonde eZweni leseThembiso,
Ngiqonde eZweni leseThembiso;
O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

Onke lawomathafa abanzi
Kukhanya uSuku oluPhakade olulodwa;
Lapho uNkulunkulu iNdodana ebusa khona
kuze kube phakade,
Futhi uhlakaza ubusuku.

Ngiqonde eZweni leseThembiso,
Ngiqonde eZweni leseThembiso;
O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

159 Asifuni lutho olusiholayo. UNkulunkulu iNdodana ubusa kuze kube phakade, futhi uhlakaza konke okunye ukususwa enhlanganyelweni. O, sifuna ukuhlangana naYe. Anifuni ukuMbona na?

160 Manje, nina Oneness, Twoness, Threeness, maMethodisti, maBaptisti, ama-Assemblies, nani nonke, xhawulanani sisacula lelo, nixhawulane omunye nomunye, futhi nithi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu, ngisendleleni yami ngiya eZweni leseThembiso."

Ngiqonde e . . .

Phendukani ngqo, nixhawulane.

. . . Zweni leseThembiso,
Ngiqonde eZweni leseThembiso;
O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

161 O, akukwenzi uzizwe ungcono na? Ake nginikhombise, ngangikwelinye lamahlelo ethu adumile cishe emavikini amathathu edlule, noma amane, kwenzekani na? Ngenze ukubizela e-altare, izoni ezine noma ezinhlanu ziza ngase-altare. Ngenkathi ngikwenza, ngathi, "Ngabe ukhona ozofika futhi akhulekele lababantu na?" Ebandleni lePentecostal, akufiki-muntu. Ngathi, "Abanye benu bangcwele ngicela nize nikhuleke?" Ngangikhandlekile, ngathi, "Ngabe abanye benu bangcwele bangeza futhi bakhulekele lababantu na?" Niyazi ukuthini? Angikwazanga ukubancenga ukuba beze.

162 A, o, mfowethu, eminyakeni engamashumi amane edlule omunye wabo ubeyoqala ukuya e-altare, kwakuyoba namashumi amahlanu ngakubo ngaphambi kokuba bafike lapho; izinhliziyo zabo zazivutha umlilo, niyabo.

163 Ukhuluma ngamaBaptisti na? Ngizokuweza ngapha esifundazweni saseKentucky, kuleloBandla elidala leMissionary Baptisti emuva lapho, futhi abasiwo nja abandayo, agcina umthetho ngamehlo nje, njengabanye benu maBaptisti angasenyakatho, behlela e-altare, bashayane emhlane, baze badlule, bathola okuthize ezansi lapho. Yebo, mnumzane.

164 Futhi ngangisezansi lapho esikhathini esingeside esedlule, eMhlobisweni lapho ugogo wami, nabo bonke bengcwatshwe ezansi lapho, futhi ngangishumayela ngokufika kukaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; labo besifazane abadala beshwiba lawomabhonethi elanga amadala, futhi bamemeze. Emuva phezulu lapho kulawomagquma lapho bengakwazi ngisho ukuthola, ungeke uthole imoto emamayeleni angamashumi amathathu ayo, emuva kuleyo mimango lapho, abantu abadala bememeza, abesifazane, bona behla benyuka kwiphansi lendlu, bedumisa uNkulunkulu.

165 Futhi kwakukhona umfana omkhulu omdala, ngenza ukubizela e-altare, ngathi, "Nakho kulele ugogo wami omdala phandle lapho ethuneni, owafela ezingalweni zami ngidumisa uNkulunkulu." Ngathi, "Nango ubabekazi wami omdala owanganga esihlathini ngehora lokufa kwakhe, wayesethi, 'Billy, ngizohlangana nawe ngapheshеya komfula, ngaleya.'" Ngathi, "Nango elele, elindele lokho kusa kokuvuka. Haleluya!" Ngathi, "Uma noma ubani kini lapha beyizoni, ngenani, uJesu uyanimema."

166 Umfana omdala emi lapho nesigqoko sakhe, ehlafuna ekugcineni kwaso, *kanjalo*, waphonsa isigqoko sakhe phansi, wathi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni!" Kwakukhona abangamashumi amabili balabomama abadala bemzungezile ngaphambi kokuba aze afike ngisho nase-altare.

167 Cishe amashumi amabili noma amashumi amathathu egijima enyuka ngase-altare lapho, zonke izoni zigijimela phakathi lapho (Futhi sasifanele ukudla idina ngeleshumi nanye nqo, futhi sidla cishe ligamenxe elesithathu ngaleyontambama.), ekhala, futhi ememeza, futhi edumisa uNkulunkulu, futhi ehamba ehla enyuka kulawomahlathi ememeza futhi edumisa uNkulunkulu. Ukhuluma ngePhentekoste! KwakuseBandleni leMissionary Baptisti.

168 Ngiza ngqo ngapha ebandleni lePentecostal, nezoni zithulula izinhliziyo zazo ngase-altare, futhi angikwazanga ngisho ukuncenga, njengenceku kaKristu, umuntu othize ukuba eze futhi aguqe ngakubo. *Whewu*!

169 Ngabe ngilahlekelwe yingqondo yami na? Ngabe kukhona okungalungile ngami na? Ngabuza umkami, ngathi, "S'thandwa, ngitshele ukuthi yini indaba na?" Ngabuza uMfowethu Moore, abefundisi, "Ngi, ngabe sengiyahlanya na? Ngabe—ngabe leliZwi . . .? Yini indaba na? Ingabe nginokufunda okuningi kakhulu, njengoba u-Agripha asho kuPawulu, kwangihlanyisa na?" Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Ukhona ozofanele akumele."

170 Omkhulu, umfundisi odumileyo washo kimi esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Mfowethu Branham, ngiyakukholwa ukuthi uyindoda kaNkulunkulu, kodwa mangibeke izandla zami phezu kwakho, futhi ngikukhulekele. Ugxeka abantu kakhulu."

Ngathi, "Mfowethu, uyakholwa ukuthi kunjalo na?"

Wathi, "Qhabo, kodwa lowo akusiwo umsebenzi wakho." Wathi, "Umsebenzi wakho ungukuthi, ukhulekele abagulayo."

171 Ngathi, "Umbhedo! Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu akanikezi izipho nje ukuba, ukutotosa ngezinhlanzi nezinkwa. Qhabo, mnumzane. Unipha iziphiwo ukuba nimemezele inkululeko, futhi nishumayele iVangeli." Kunjalo. Ngase ngithi, "Uma ngingakwenzi, ubani okwenzayo na?" Ngathi,

"Ungeke, ngoba unohlelo oluningi kakhulu ukuba ulwesekele. Anginalutho engingakwesekela ngaphandle kweBhayibheli lami, noMoya oNgcwele oshumayelayo."

172 Haleluya! Udumo kuNkulunkulu! Ngiyajabula ukuba ngingumPentecostal, ngifuna wonke umuntu azi ukuthi ngingumPentecostal, ngemukele uMoya oNgcwele. Hhayi inhlangano yePentecostal, lokho kukude nami, ngingumPentecostal ngesehlakalo. UJesu Kristu unguMsindisi wami, ngiyaMthanda. Akukho lutho kimi . . .

173 Enye indoda enkulu yenhlangano enkulu, yathi, "Mfowethu Branham, uma nje uzoxegisa ezintweni ezimbalwa, sizokundizisa uye emazingeni amakhulu—amakhulu emizwa yomhlaba emabhanoyini ethu, futhi sikudedele ushumayele, uma nje uzoza futhi ujoyine kanye nathi."

174 Ngathi, "Ngiyakudabukela! Indoda enesithunzi nenhlonipho eneziqu zobudokotela, ubengacela inceku kaNkulunkulu ukuba ixegise eZwini laKhe!" Ngathi, "Uma nginephutha, khona-ke thatha imiBhalo, ngikhombise lapho nginephutha khona." Ngathi, "Nkulunkulu . . . Ungayenza kanjani into enjengaleyo, Mfowethu na?"

175 Wakhothamisa ikhanda lakhe, wathi, "Ngikholwa ukuthi uyindoda kaNkulunkulu." Wathi, "Umkami ngabe wafa eminyakeni edlule." Wayewudaba lomdlavuza olubi kunazo zonke engake ngazibona. Wathi, "Wakhuluma naye, futhi wambiza phakathi ezethamelini kanjalo ngoMoya oNgcwele." Wathi, "Ngiyakholwa."

176 Ngase ngithi, "Manje-ke ungicela ukuba ngixegise na? Lokho akushayi emithanjeni yami. Qhabo, mnumzane. Ngiyohlala neZwi uma ngifela epulpiti." Yileyondlela obaba bethu abenza ngayo lokho, hlala eZwini likaNkulunkulu, akunandaba uma kukuhlinza, futhi kuhlubule isikhumba kuwe, hlala lapho noma kanjani.

Ngiqonde eZweni leseThembiso,
Ngiqonde eZweni leseThembiso;
O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

Ngiqonde eZweni leseThembiso,
Ngiqonde eZweni leseThembiso;
O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

177 Ngiyazibuza, ngokuthula, nomculo udlala, uma uthanda, Dadewethu, *Ngiqonde EZweni LeseThembiso*, ngabe sikhona isoni phakathi lapha esingazi lutho ngalokhu, engikhuluma ngakho, kodwa nokho nikukholwa ukuthi kuyiqiniso, ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi ulaka lukaNkulunkulu lwathululelwa phezu kwaYo, futhi Yafa eKalvari, ukufa kwesoni, ukuthatha indawo yakho na? Yafa

ukufa kwakho eKalvari, futhi kuYo kuphela ungasindiswa, futhi awukaze ukwenze namanje, ngizokumemela kuleli-altare. Woza lapha manje, futhi ubuyisane noNkulunkulu ngoKristu.

178 Uma uyilunga lebandla, ungazi lutho ngaphande kwenhlangano yakho, nakuba kungaba yiPentecostal, nakuba kungaba yiMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iBandla loMthetho lamaJuda, iGreki, noma ungahle ube yini, futhi awazi lutho ngaphandle kwenhlangano yakho, awukaze uhlangane nento ethize, ukuzalwa okusha okukushintshile, futhi kwakwenza waphila, ungaxegisi ngezinto zezwe, awufuni kuzihlanganisa ngalutho nezwe, awufuni kuzihlanganisa ngalutho nalo, ufile kulo, futhi ufuna ukuphila kuKristu, uma ungakasemukeli lesosehlakalo namanje, uzoza lapha e-altare, sisacula futhi na?

179 Uma ungenaye uMoya oNgcwele, futhi ufuna ukwemukela uMoya oNgcwele, uzoza e-altare, futhi ume lapha sisacula futhi na? Nonke nina bahambi enifuna ukujoyina kanye nathi, futhi ngokukholwa, nomusa kaNkulunkulu uye ngaseZweni leseThembiso, cula kanye nami manje. Kulungile.

Ngiqonde kweleseThembiso . . .

Ngiyakumema, "Woza," yilokho kuphela engingakwenza.

Ngiqonde kweleseThembiso . . . (UNkulunkulu akubusise, Mfowethu.)
O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

Ngiqonde e . . . Zweni leseThembiso,
Ngiqonde eZweni leseThembiso;
O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

Ngiyobubona nini ubuso bukaBaba,
Futhi esifubeni saKhe ngiphumule na?

180 Ngifuna ukunitshela, ngenkathi sisacula leliculo, i . . . Ngangimi, amakhulu amahlanu eJeffersonville, eminyakeni engamashumi amathathu nanye edlule, imvuselelo yami yokuqala, ngicula, "Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho, futhi ngiphonsa iso lokufisa, eZweni laseKhanani elihle nelijabulisayo, lapho ingcebo yami ikhona," futhi ngaphuma, ngibhaphathiza amakhulu amahlanu ngaleyontambama, njengomshumayeli weMissionary Baptisti, umuntu weshumi nesikhombisa engambhaphathiza, khona manjalo ngezwa *Okuthize* kuthi, "Bheka phezulu," ngase ngibheka, futhi nakhu kufika leyoNsika yoMlilo izungeza iphuma eZulwini, yama ngqo phezu kwalapho engangikhona, yayisithi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukuFika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesibili kukaKristu."

181 Ngenkathi umshumayeli weBaptisti engihleka. . . Lokho kwaya kwi-*Associated Press*, *UkuKhanya Okuyimfihlakalo Kubonakala Phezu Komfundisi Ngenkathi Ebhaphathiza*. Konke kwenyukele eCanada, nakuyo yonke enye indawo kwaya kwi-*Associated Press*, amakhulu nezinkulungwane zabantu bakubona. Kubuke namhlanje, mfowethu, buka, isethembiso saKho siyiqiniso. "Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho, futhi ngiphonsa iso lokufisa!" Sesibe kulelihlane isikhathi eside ngokwenele, asihambe siye ngaseZweni leseThembiso.

182 Nakhu kumi iqembu labantu ngapha lifunisisa uNkulunkulu, lifuna uNkulunkulu, lifuna ukuya eZweni leseThembiso. Ngiyamangala manje, kwabanye benu befundisi, abanye benu bazalwane abanomthwalo enhliziyweni yenu ngomphefumulo olahlekile, uzoma ngapha nabo.

183 Wena osafuna ukwemukela uKristu, ungeza, wenze indlela yakho phezulu ngapha, nawe na? Yima uzungeze i-altare. Lamadoda nabesifazane, abafana namantombazane balapha ukwemukela uKristu njengoMsindisi wabo. Uma ufuna. . . Ngenkathi sisacula futhi, "Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho, futhi ngiphonsa iso lami lokufisa."

184 UMose wasukuma lapho, futhi wabuka ngale ezweni lesethembiso, inhlangano, yenqatshelwa ukuhamba ngoba yehluleka kuNkulunkulu, kodwa uJoshuwa wathatha izinto zikaNkulunkulu futhi wamasha wawelela ezweni lesethembiso. Umusa kaNkulunkulu uzosidlulisa, mfowethu.

> . . . Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho,
> Futhi ngiphonsa elifisayo. . .

Ningeza, bantu abasha, abadala, noma ngabe ningaba ubani, nijoyine no. . . ?

> . . . Izwe laseKhanani elihle nelijabulisayo,
> Lapho ingcebo yami ikhona.
>
> Ngiqonde eZweni leseThembiso,
> Ngiqonde eZweni leseThembiso;
> O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
> Ngiqonde eZweni leseThembiso.

185 Manje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba umzuzu, ngifuna ukukhuluma kulababantu lapha.

186 Bangane bami abathandekayo, kulobubusuku *Okuthize* kudingeke kukhulume nani ukwenza lokhu ukuma. UJesu wathi, "Konke uBaba aNgiphe khona, kuyoza kiMi. Futhi oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle. Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Sinye kuphela isimo sokuPhila okuphakade, ukuPhila okuPhakade, nalokho ngukuPhila kukaNkulunkulu, iZoe. Ngenxa yokuthi usukume esihlalweni sakho, futhi wenyukela lapha, kukhombise

ukuthi uMoya othize, yonke leminyaka ubunephutha, *Okuthize* kume ngakuwe kulobubusuku, futhi kwathi, "Unephutha," lowo bekunguMoya oNgcwele, "yima, uze ngaphambili," futhi wenzile.

187 "OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi, neziNgelosi ezingcwele." Leso yisethembiso saKhe, Angeke asihoxise, yisethembiso saKhe, akukho kubuyisela emuva kuso. Ulapha ukuzokunika. . . Ngenxa yokuthi uMmele, Uyokumela ngaloloSuku. Wathatha indawo yakho, manje uyavuma ukuvuma ukuthi unephutha, futhi uza kuYe ufuna umusa, akukho lutho nhlobo ongakwenza ngaphandle kokukholwa kuYe, futhi wemukele lokho uNkulunkulu akuhlinzekele khona, leyo yinsindiso.

188 Khumbulani, lalelani iZwi laKhe, uJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Manje, uNkulunkulu waniphendula, leyo yingxenye kaMoya oNgcwele eyaniphendula; ingxenye elandelayo kaMoya oNgcwele ngukuningcwelisa, ukhiphe konke ukungcola kini; ingxenye yesithathu kaMoya oNgcwele ngukunibhaphathiza eMzimbeni, khona-ke nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele namandla kaNkulunkulu. Yingakho nimi lapha kulobubusuku, ngoba nithatha ukuma kwenu kokuqala ukwemukela uKristu njengoMsindisi wenu.

Manje ngifuna izethameli zikhothamise amakhanda azo.

189 Baba wethu waseZulwini, lababantu abami lapha banamahloni ngezimpilo zabo ezedlule. Bami lapha ngoba bezwa iPhimbo laKho lithi babenephutha, futhi bazele ukuKuthatha njengoMsindisi wabo siqu. Bami lapha phansi kwesigaba sokulungisiswa, "Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu." NgiyaKukholwa, Nkosi, ngikholwa ukuthi amaZwi aKho ayiqiniso, futhi njengoba ngima, kulobubusuku, njengenceku yaKho, enye yazo, onxusela lababantu, futhi ngibuyisela esikhumbuzweni saKho lokho Owakusho.

190 Nampa, basukumile baphuma esihlalweni sabo base benyukela lapha, ngoba bebenelisekile ukuthi WawuyiNdodana kaNkulunkulu, futhi Wafela izono zabo, futhi bafuna umusa waKho oxolelayo. Bekuyoba yinto engenakwenzeka kubo ukuba bangakwemukeli, Wakwethembisa, kungokwabo, bayakukholwa, bafikele ukuzokufakazisa. Wathi oyo—yo, onamahloni ngaWe phambi kwabantu, Ubuyoba namahloni ngabo phambi kukaBaba, neziNgelosi ezingcwele, "kodwa oyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi, neziNgelosi ezingcwele."

191 Nkosi, bangabaKho, banelisekile ukuthi bebenephutha, basukumile lapha ngeZwi likaNkulunkulu ukufakaza ukuthi banephutha, futhi bafuna intethelelo. Nginxusela imiphefumulo

yabo, Nkosi, ngibanikela kuWe, Baba, bayimiklomelo yeZwi laKho elilahle ngecala impilo yabo enesono, futhi bazele ukuKwemukela njengoMsindisi wabo siqu. Ngiyanxusa kuWe isethembiso saKho, ngibuyisa inkumbulo ukuthi Washo ukuthi "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Manje bemukela iZwi laKho, bayazisola ngezono zabo, futhi babonakalise ngokuveza okufanayo, futhi bakubonakalisa ngokuKumela, kulobubusuku.

192 Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobapha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ungcwelise imiphefumulo yabo, futhi ubenze izidalwa ezintsha kuKristu. Ngibanikela kuWe, eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, Eyakhokha inani ukubahlenga, bangabaKho, iziphiwo zothando, O Nkulunkulu. UJesu wathi, "Akekho ongabahlwitha esandleni sikaBaba waMi, akekho omkhulu kunaYe," futhi basezandleni zikaNkulunkulu.

193 Manje, namakhanda ethu ekhotheme, nalaba abeza e-altare, akukho-nto ongayenza, awudingi ukuzwa lutho, uJesu akazange athi, "Nikuzwile na?" Wathi, "Nikukholiwe na?" Uyakholwa ngempela manje ukuthi esimweni sesono owawukuso, ukuthi wena, *Okuthize* kukukholisile ukuthi ubunephutha, woza lapha phezu kwezisekelo zeZwi likaNkulunkulu elakwethembisa, uma uzovuma izono zakho, Wayefanele nje ukubathethelela, futhi manje ulahla izono zakho futhi uMemukele njengoMsindisi wakho siqu, uma nithanda, namakhanda enu ekhotheme, phakamisani izandla zenu? Nonke nina e-altare, omile lapha, manje Memukeleni njengoMsindisi oqondene nani. Amaphesenti ayikhulu, wonke umuntu. Makabongwe uNkulunkulu.

194 Manje, ngimemezela ukuthi ningamaKristu, amakholwa, izakhamizi ezikanye nathi zoMbuso, eGameni likaJesu Kristu. Ngizonicela ukuba ningenzele okuthize, ngifuna nikwenze, lelokamelo elincane lapho, elibhalwe ukuthi *Igumbi loMkhuleko*, ngifuna nenze indlela yenu nizungeze *leli*cala, futhi niwelele lapho ngenkathi ngisabiza futhi. Yanini lapho futhi nikhuleke, lapho esizohlangana khona nani, emizuzwini embalwa nje. Iya ngaleya, futhi uguqe phansi, futhi uthi, "Ngiyabonga, Nkosi Jesu, ngokusindisa umphefumulo wami." Ngiyakholwa uNkulunkulu, khona lapho, uzokugcwalisa ngoMoya oNgcwele, khona lapho egumbini. Hamba ngqo nga*le*ndlela, njengoba omunye wabafowethu ezokuhola.

195 Manje, ngenkathi laba besawelela lapho, nabayaleli manje, ngalolu—loludaba, hambani nabo. Lababantu bemukele uKristu njengoMsindisi wabo siqu.

196 Manje, kinina ofuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ningeza ngaphambili ngalesisikhathi na? Hamba uye phambili manje, sisacula kanye futhi, uthi, "Mfowethu Branham, kade ngilangazelela uMoya oNgcwele iminyaka, kodwa angikaze ngiWemukele namanje." Yenyukela lapha. Uma ungikholwa

ukuthi ngiyinceku yaKhe, uma ukholwa ukuthi ngikutshela iqiniso, woza lapha, ake ngikukhulekele. Umkhuleko uguqula izinto, wenza izidalwa ezintsha. Uma uqotho ngempela, woza ngaphambili manje, sisacula.

Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho,
Futhi ngiphonsa iso lokufisa,
Ezweni laseKhanani elihle nelijabulisayo,
Lapho ingcebo yami ikhona.

Ngiqonde eZweni leseThembiso,

197 Wonke lowo ongenawo uMoya oNgcwele, ngikubiza eGameni likaKristu, woza ngaphambili.

O ubani ozoza futhi ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni leseThembiso.

198 Ngabe uqotho na? Ngabe lona yibobonke kulesisakhiwo ongenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Mfowethu, dadewethu, ungakwenza kanjani, ngaphansi kwengcindezi engaka kaMoya oNgcwele, ufike endaweni ukuthi awunawo uMoya oNgcwele, futhi ungeke umele umkhuleko na? Ungakulindela kanjani ukuphulukiswa ube ungeke ngisho uthole umphefumulo wakho uphulukiswe ekungakholweni ukuba wemukele uMoya oNgcwele na? Uyoke ukwemukele kanjani ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu komzimba wakho na? Ungeze na? Uyamenywa. Bazalwane, bodadewethu, izakhamizi zakithi osevele wemukele uKristu njengoMsindisi wakho, ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na?

199 Kulungile. Ngifuna abanye benu bantu abangabantu abalungile, onoMoya oNgcwele, wozani lapha, futhi nibeke izandla phezu kwalababantu, sisabakhulekela. Woza ngaphambili manje, ubeke izandla zakho phezu komunye.

200 Emuva lapho, onoMoya oNgcwele, abanye benu bafowethu abakhonzisayo, yenyukelani lapha, nibeke izandla phezu kwalababantu njengokumelwa. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Gene. Wozani ngaphambili ngqo, wozani ngaphambili ngqo, bazalwane. Wozani ngqo ngapha futhi nibeke izandla phezu kwalababantu, sisakhuleka. Lokho kuhle. Woza, Mfowethu Fred, lokho kuhle. Woza ngaphambili ngqo. Haleluya!

201 Baba wethu waseZulwini, lababantu bafuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, sebekhathele yilamagilebhisi, bafuna ubisi, uju, bafuna ukuya eZweni leseThembiso. Ngikhuleka kuWe, Nkosi, ngayo yonke inhliziyo yami, njengoba amadoda ebeke izandla phezu komunye nomunye, ukuthi, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzobapha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Umkhuleko wokukholwa uzokwenza lokhu, siyazi. Sibethula kuwe, eGameni likaJesu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

202 Amen. Kunjalo. Wonke lowo ofuna ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, phakamisani izandla zenu, wonke lowo ofuna ukuphulukiswa, phakamisani izandla zenu. Manje omunye beka izandla zakho phezu kwabo phandle lapho, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Nakhu la sikhona. Nikhulekelane. Siqonde eZweni leseThembiso, sonke isethembiso uNkulunkulu asenza.

203 Baba waseZulwini, laba ngabaKho, ngibethula kuwe, Nkosi. Phulukisa abagulayo, gcwalisa ngoMoya oNgcwele labo abadingayo, Nkosi. Ngibanikela kuWe, iNkosi Nkulunkulu, uMdali wamazulu nomhlaba manje, eGameni likaJesu. . .?. . .

